Okuvuma

isono somuntu nezono esihlanganyelwe nezizwe sonke

50-ya Malanga Omtandazo

Zulu

“Bazithobe abantu bami ababizwa ngegama lami, bakhuleke, bafune ubuso bami, baphenduke ezindleleni zabo ezimbi, ngiyakuzwa ezulwini, ngithethelele isono sabo, ngiphilise izwe labo.”
2 isiKronike 7:14

UKUHLANZA ININGIZIMU AFRIKA KUMACALA APHAMBENE NONKULNKULU

Njengokuta wonke umhlaba, kunokukhula kokulambela ukuphila ngokuzwana kakhulu noNkulunkulu ezinhliziyweni zamakristu, uBaba weNkosi yethu uJesu Krestu. Lokhu kuvezwa obala ukukhula kwentshisekelo yokuthandaza nokufuna ubuso bukaJehova. Amakristu amaningi futhi akhombisa ukukhathazeka ngokonakala komphakathi ezweni lakithi, njengoba kubonakala ngokukhula kobugebengu, indluzula kanye nezenzo ezingamachilo. Abanye abantu sebedangele futhi bazitshela ukuthi iNingizimu Afrika iyisisusa sokweduka, sebencamele ukulifilathela lelizwe ukuze bazitholele izindawo eziphephile kwezinye izindawo. Ezikhathini ezinjengalezi, sifanele ukumazi uNkulunkulu esimkhonzayo, ngoba ngoNkulunklu akukho okungenzeki. uNkulunkulu wethu unguNkulunkulu wezimo ezibucayi. Akasishiyile, akasilahlile, kodwa, ngokwezwi, unikeze ibandla lakhe imigomo okuyona yona ukuthi lenzenjani ezimweni ezifana nalezi iNingizimu Africa ebhekene nazo - ubuphofu,izifo, uthelawayeka nge. uNkulunkulu ufuna into inye kithina lokho ukuba sibe nokholo,ngoba ngaphandle kwalo akunakwenzeka ukumthokozisa uNkulunkulu. Ngokholo olulingana nenhlamvu yesinaphi, kungagudluzwa izintaba.

Kambe uNkulunkulu usebenzela phezu kwezimo ezithile. Kucace ebhayibhelini ukuthi uma kukhona isono ezimpilweni zethu noma uma isizwe sona kuye, akayikuyiphendula imithandazo yethu noma athululele izibusiso. Indlela yokusondela kuye ngezikhathi ezinjalo ukuza ngokuphenduka. UNkulunkulu uyaholekela enhliziyweni ephendukayo. Inkinga esinayo emphakathini wethu namuhla ukuthi asisazi ukuthi siphenduke kukuphi. Isono sesisijwayele ngangokuthi asisasiphathi ngezindlela yebhayibheli, siyazithethelela futhi sibe nezaba ngokuzimbandakanya ezintweni uNkulunkulu azizondayo, bese silindela ukuthi Yena asondele kithi nomangabe sona. Imithetho kaNkulunkulu emayelana nobungcwele isobala bha futhi kufanele ukuthi sizibuke thina nomphakathi ngeso likaNkulunkulu (sizikala thina nomphakathi esihlala nawo ngokwezwi lika Nkulunkulu) bese siphenduka phambi kwakhe.

Izono zezikhathi ezidlulileyo ezingavunywanga azithethelelwe kodwa zisenomphumela kithi nanamuhla. Izinxenye zesono ezine esizobhekisa kuzo kulesisiqaliso yilezi: ukuchithwa kwegazi, imikhuba yokonakala, izivumelwano ezaphuliweyo, ukukhulekela izithombe. Ilolo nalolohlobo lwesono kuzoxoxwa kakhulu ngalo futhi kunikezwe neziboniso ukuthi kungakhulekwa kanjani mayelana nalezizono.

UKUSUSULA KWAMACALA

Ukuhlangula Amacala Isizathu esenza ukuba uKrestu ahlupheke futhi avuswe kwabafileyo kwenzeka ukuze ukuphenduka nokuthethelelwa kwezono kushunyayelwe ezizweni zonke (Luka 24:46,47). UPawula kanye nabanye abaphostoli bawusabalalisa lomyalezo wokuphenduka njengoba babehamba badabula eMbusweni waseRoma. Kwezinye ye izenzakalo, Efesu, entshumayelweni kaPawula ngokuphenduka kwaletha ukubuyela okukhulu kwabantu ngokubumbana kuNkulunkulu futhi bashisa izincwadi zabo kanye nempahla yonke emayelana nemilingo (Izenzo 19:19). Lokhu kwaba nomphumela omkhulu kakhulu emphakathini ngangokuthi izikhonzi zikaDyana (Artemis) zathuka futhi zalahlekelwa ngakwezohwebo ngokuthenga kwaboizithixo ezibaziweyo ezikhothanyelwayo. Indlela kaNkulunkulu yokubuyisela abantu kuYe kanye nokulahla okubi ukuphenduka.

ETestamenteni eliDala abantu abkhonza uNkulunkulu kwakumelwe ukuba basuse futhi babhubhise zonke lezozinto ezinenga uNkulunkulu (Deut 12:2-4) ukuze bakwazi ukukhonza Yena yedwa. Wabathembisa ngokuthi uma kwenzeka bamhlubuke opa yezisa ngokungalaleli kwabo, ukuze babuyele kuYe, bazithobe phambi kwakhe,bakhuleke futhi bafune ubuso bakhe futhi bashiye izindlela zabo ezimbi, Yena uyakuzwa esezulwini, athethelele izono zabo bese elapha izwe (2 Kron.7:14). KuMaheberu 9:22 sifunda ukuthi cisho zonke izinto zihlanzwa ngegazi, futhi ngaphandle kokuchitheka kwegazi, akukho ukuthethelelwa. ETestamenteni eliDala, uNkulunkulu wanika abantu bakhe uhlelo lwemihlatshelo- ukubasiza uma bonile kuYe kanye futhi nakomunye nomunye wabo. Kanye ngonyaka, umpristi omkhulukufanele alethe umnikelo okhethekileyo, obizwa ngokuthi uMnikelo wokuBuyisana (Lev 16). Igazi lalomnikelo lalikwenza ukubuyisana eNdaweni eNgcwele (phambi kwesihlalo somusa) nenxa yokungcola kwabantwana bakwa Israyeli, futhi nangenxa yezono zabo, ngenxa yeziphambeko zabo bonke. Emva kukuba umpristi esefafaze igazi phezu kanye naphambi kwesihlalo somusa, kwakufanele alethe isvumo sabantu ngenxa yezono zabo. Lomnikelo kwakufanele ukuba ulethwe kanye ngonyaka futhu-ke wawunikelelwa ukuze kuvikeleke abantu ebuncgweleni bukaNkulunkulu.

KuMaheberu 9:11 sifunda ukuthi uJesu weza njengomprist omkhulu futhi wangena endaweni eNgcwele- Ngcwele ngenxa yethu. Akezanga ngagazi lezimbuzi nelezinkunzi, kodwa ngelakhe igazi. Akadingi ukwenza lokhu njalo njalo, kodwa wakwenza kwaba kanye qha kwenela. Igazi likaJesu lahlukanisela isivumelwano esisha (1 Korinte11:25-26) kanti futhi ngegazi lakhe wenza indlela yokususa isono (Heb 9:26). Igazi lezinkunzi nelezimbuzi lalingasoze lazisusa izono, kodwa igazi likaJesu liyakwazi. Ngenxa yegazi lika Jesu manje sesiyakwazi ukufumana intethelelo ngezono, futhi asisadingi ukuqhubeka ukuletha iminkelo yezinkunzi nezimbuzi. Emva kokunikela

,uJesu wahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu, elindele ukuba izitha zakhe zithotshiswe phabi kwakhe (Heb 10:12,13). Ngalokho uJesu akwenza sesinokungena ngesibindi esihlalweni somusa ezulwini (Heb 4:16), sifumane umusa wokusiza ngesikhathi esifaneleyo. Igazi likaJesu elafafazwa ezulwini phambi kwesihlalo somusa lingubufakazi bentethelelo uNkulunkulu ayinikayo uma abantu beza kuYe ngegama likaJesu uletha ukuphenduka. Uma sithandazela intethelelo kuNkulunkulu ngenxa yezono zethu, kanye nezono zabantu bakithi, njengoba abapristi babenza eTestamanteni eliDala, uNkulunkulu ubeselalela ubufakazi begazi likaJesu njengoba lisifakazela phambi kwesi hlalo sakhe (Heb 12:24). Njengoba imthandazo yethu yokuphenduka ilethwa phambi kukaNkulunkulu (Isambulo 8:3-5) uNkulunkulu uyasenzela besekuthi zonke izivumelwano sakhe ku Adamu, Nowa, Abrahama,Davida, Solomoni, kanye nezethembiso zeSivumelwano eSisha ngeJesu, ziba ifa lethu. Esinye sezethembiso ukuthi uma sizithoba, sikhuleke bese sifuna ubuso bukaNkulunkulu futhi siphenduke ezindleleni zethu ezimbi, ngakho uNkulunkulu uyokuzwa ezulwini, athethelele izonozethu aphilise izwe lethu.

UKUCHITHEKA KWEGAZI (Ilonga 1-14)

Isehlakalo sokuqala eBhayibhelini sokuchitha igazi saba kuGenesisi 4, lapho uKayini ebulala u Abela umfowabo. Ezizukulwaneni emva kukaKayini isono sokuchitha igazi saphindaphindeka ngenxa yokuyingiliza kwempindiselo (Gen4:23,24) Indlela aphendula ngayo uNkulunkulu kulikhu yabanzima. UJehova wathi uKayini uyoqalekiswa emhlabeni ngango kuthi uma elima umhlabathi, awuyikukhiqiza njengokwamandla awo. Umbulali futhi woba umzulane nomhambuma, akayikuzinza (Gen 4:11,12). Ngenkathi uNkulunkulu enikeza umthetho wakhe kuMose ,USomandla walayeza ukuba umbulali afe (Deut 19:11-14. Uma kwakukhona ukubulala okungacutshungulwanga, uNkulunkulu wayecela abapristi bangakulaso sikathi ukuba balungise loludaba (Deut 21). IBhayibheli lifundisa ukuthi yinoma ikuphi ukuchithwa kwegazi, elabantu nelezilwane, lingaba icala ezweni. Ukubanecala legazi ngumphumela ongevinjwe odalwa ukuchitha igazi labantu noma lezilwanelinikezwa ezithixweni. Lelicala lifana nenkohlakalo eyanda ngokushesha. Yonakalisa umbulali kanye nabobonke abomndeni wakhe, isizukulwane esilandelayo, imakawe ahlala kuto, nesizwe sakubo kanye nezwe ahlalakulo. Emva kukazamcolo uSomandla wakhipha umlayelo owawenqabela ukuphuzwa noma ukudliwa kwegazi. Lomlayelo waziswa nayibandla leTestamente alisha (Izenzo 15:20). ETestamenteni eLisha uJesu waqhubeka nomlayelo wawuyisa phambili, ethi ukuthukuthela okungafanele nokubhavumula ngolaka emehlweni kaNkulunkulu kufana nokubulala.

Ukuchitha igazi kuyisinengiso esibi kabi emehlweni kaNkulunkulu. Ngenkathi uManase echwalisa iJeruselema ngegazi elingenacala, uJehova

akavumanga ukuthethelela, ngakho uSomandla wabadingisa abantu bakhe (2 Amakhosi24:4). Uma labo abafuna uJehova, benecala lokuchitha igazi ezandleni zabo, uNkulunkulu akafunanga ukuphendula imikhuleko yabo (Isa1:15;59:2). KuZaga uJehova uthi uyaizonda izandla ezichitha igazi (Izaga6:17). KuJoweli 3:21 uNkulunkulu uthembisa ukthi uyakuletha ukubuyisana/uyakuhlawula, uJehova uyakuthethelela isono sokuchitha igazi, kodus baze bacele intethelelo, izwe aliyikugubuzela ukuchithwa kwegazi, (Isa.26:21). Leligazi liyoqhubekya likhale kuNkulunkulu njengegazi lika Abela.

Umphumela walokukubulalana ungabonakala ngokwanda kwempindiselo nempindiselo, ukubhavumula ngolaka kwabantu, izindlela zabantu abaningi eziyaluzayo kanye nokudinga okwandayo kwezinto zokwenyama, okokudla kwezinye izinxenye zaba ntu abakhileyo. Indlela Yokuthola ukusizakala mayelana nalelicala ukuzithathela igazi likaJesu. Lokho sikwenza kanjani na? Sisondela esihlalweni somusa sinesiqiniseko sokuthi sinoMmeli ezulwini osinxuselayo. Wakhokha inhlawulo yamacala ethu ngegazi lakhe futhi asidingi ukunikela ngegazi lezimbuzi nelezinkunzi ukuze sicele intethelelo. Igazi likaJesu phezu kiwe altare liyakwazi ukusikhulumela (Heb 12:24). Sihlomile ngalesisithembiso sentethelelo kanye nesiqiniseko sesivumelwano esingcono, singasondela kuNkulunkulu, sezwe lethu, bese samukela intethelelo Yakhe. Uma isono kungaphendukwanga kuso, asithethelelwe. Nesikhathi imbala asisusi isono. Indlela eyodwa qua yentethelelo ingukuphenduka. Isono okungaphendukwanga kuso, nalezozono zezizukulwane ezedlule, zisenomphumela ezizukulwaneni ezilandelayo. Ukukhumbuza nje, siyasivuma isono saphamili kodwa asithandazeli ukucelela okhokho intethelo. Babenethuba labo phambi kukaNkulunkulu. Sithandazela ukuba uNkulunkulu asuse icala ezweni lethu ngegazi likaJesu kanye nesiqalekiso esafika ngenxa yokubulala. Khona lapho sesingamkhumbuza uNkulunkulu ngesethembiso ku 2 Izikro. 7:14 "Uma uphenduka...ngiyobe sengiphilisa izwe lenu"

IMKHULEKO EMAYELANA NOKUBULALA.

Lemikhuleko ingasetshenziswa yilowo nalowo emikhulekweni yansuku-zonke kanye nasemathimbeni omkhuleko:

Ilanga 1 - Gen4:10 *UJehova wathi, "Wenzeni na? Lalela! Izwi lomfowenu liyakhala kimi emhlabathini."* Heberu 12:24 *[Uzile] kuJesu, umlamuleli wesivumelwano esisha,nasegazini lokufafaza elikhuluma okukhulu kunelika Abela.* Baba siyavuma icala lokuchithwa kwegazi eNingizimu Afrika. Siyavuma ukuthi amazwi zi abo ayakhala Kuwe evela kulelizwe. Siyazisola ngeqiniso lokuthi sigcwalise iNngizimu Afrika ngegazi. Sicela wena usihlanze ngegani likaJesu, kanye nokuthi igazi lokufafaza ezulwini liyokhulumela iNingizimu Afrika, ukuletha intethelelo, ukupholisa nokubuyisana ezweni lethu.

Ilanga 2 - ULevitikusi 17 :11 *Ngokuba umphefumulo womzimba usegazi, ngimnike lono altare ukwenzela imphefumulo yenu ukubuyisana, lokhu kuyigazi elenza ukbuyisana ngimphefumulo.* Baba Nkulunkul Mqambi wokuphila, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma ukuthi ukuphila sikuphathe dlakadlaka eNingizimu Afrika. Sicela intethelelo futhi siyathandaza ukuthi Wena ubuyisele kithina inhlonipho yokuphila futhi siphathe abantu njengezidalwa ezithwele moya Wakho wokuphila.

Ilanga 3 - UNumeri 35:33 *""Aniyikungcolisa izwe enikulo, ngokuba igazi liyalingcolisa izwe, ayikho inhlawulo yezwe ngegazi elichithakele kulo, kuphela ngegazi lolichithile.* Mahluleli wabaphilayo nabafileyo, siyabona ukthi kuyikho futhi siyavuma icala lethu phambi kwakho mayelalna nokubulala ezweni lakithi elibangwe izimpi, ukubulala kanye nezingozi. Sithandazela umusa wakho nokuthi uze usithethelele ngalelso sono sokungcolisa izwe. Sithandazela ukuthi imkhuleko yethu yamukeleke kuWe nukuthi uphilise izwe lakithi.

Ilanga 4 - ULevitikusi 17:10 *"Yilowo nalowo muntu wendlu yakwaIsrayeli noma owabafokazi abagogobeleyo phakathi kwabo odla igazi noma yiliphi, ngiyakumisa ubuso bami bumelane nalowo muntu odla igazi noma ngimqume kubantu bakubo."* Amahubo 16:4 *"Ziningi izinhlupheko zabazizuzela omunye unkulunkulu, angiyikunikela ngeminikelo yabo yegazi, angiyikuwaphatha amagama abo ngezindebe zami".* Jehova Nkulunkulu, siyavuma siyazisola nganoma yikuphi ukuphuza igazi nokudla igazi ezweni lakithi, noma ngabe kusekukhonzeni izithixo, imimoya yokhokho noma sidalwa sini, noma emikhosini yokuthwasiswa kume noma esimweni sempucuko yemvelo nokudla.

Ilanga 5 - Luke 11:50-51; *"…ukuze kubizwe kulesi sizukulwane igazi labaprofethi bonke elachithwa kwasekusekelweni komhlaba, kusukela egasini lika-Abela kuze kufike egazini likaZakariya owabulawa phakathi kwe-altare nethempeli. Yebo, ngithi kini: Lizakubizwa kulesi sizukulwane."* Hoseya 4:2. *"Kukhona ukufunga nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokuphinga, bayafohla, izigazi le landele izigazi."* uNkulunkulu olungiyeyo, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma ukuthi ukubulala kwezizukulwana ezidlulileyo akulungiswanga nokuthi ngenxa yalokho, ukuchitheka kwegazi kubiza ukuchithela kwegazi ezweni lalkithi. Siyathandaza ukuthi Wena, emseni Wakho, unqamule lokhu kuyingiliza nokuchitheka kwegazi ezweni loakithi ngamandla egazi likaJesu Krestu.

Ilanga 6 - Amahubo 106:38. *"Bachitha igazi elingenacala, igazi lamadodana abo namdodakazi abo abawahlabela izithombe zaseKhanani; izwe langcoliswa yigazi."* BabaNkulunkulu, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma ukuthi sinecala lokuchitha igazi elingenacala kuma altare okuzithokozisa

kanye nomammona ngokubulala izingane ezingakazalwa ngokuhushula. Sicela welule intetrhelelo yaKho kuNingizimu Afrika ngokuvumela lesisono. Sithandazela umusa waKho kulesisizwe.

Ilanga 7 - Gen. 9:5. *"Kodwa elenu igazi okukulo umphefumulo wenu ngiyakulibiza; kuzo zonke izilwane ngiyakulibiza' nakubo bonke abantu ngiyakubiza umphefumulo wabo, owomunye esandleni somunye."* Jehova kuLunga kwethu, qondisa abaholi bethu ukuba baqikelele maqondana nokuchitha igazi futhi sisize siphinde samukele isibopho sethu mayelana nokuphlia.

Ilanga 8 - Abahluleli 9:23-24. *"Unkulunkulu wathuma umoya omubi phakathi kuka-Abimeleki nabantu baseShekemi; abaseShekemi bambhumbuluza u-Abimeleki ukuba ubudlova obenziwe kuwo amadodana angamashumi ayisikhombisa kaJerubali bufike, negazi labo libekwe phezu kuka-Abimeleki umfowabo owababulala, naphezu kwabaseShekemi abaqinisa izandla zakhe ukuba abulale abafowabo."* Mhlengi wethu, Wena ophindisela igazi, siyakucela susa noma imiphi imimoya yentando embi esizweni sakithi engabangela ukuba abantu bakithi bafune ukuziphindiselela ngenxa yokuchithwa kwegazi. Sesaphindisela konke ukuchithwa kwegazi phezu kukaJesu Krestu ngenkathi ethwele izono zethu esiphambanweni. Sicela ulethe induduzo nokuphuluka kulabo bethu abalahlekelwe ngabathandekayo labo ekulweni nasezimpini, futhi susa ezinhliziyweni zethu ulaka kanye nenzondo kubenzi bobubi ukuze sikwazi ukuxolela.

Ilanga 9 - Hezekeli 33:25; *"Ngalokho thana kubo: 'Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Nidla okunegazi, niphakamisa amhelo enu ezithombeni zenu, nichitha igazi. Pho, niyakudla ifa lezwe na?"* Amahubo 24:1. *"Umhlaba ungokaJehova nokugcwala kwawo, izwe nabakhileyo kulo."* Nkosi Nkulunkulu, siyavuma ukuthi njengoba siyizinhlanga ezahlukene silwela ubunikazi bomhlaba kulelizwe. Siyabona ukuthi kuyiqoniso ukuthi izwe lingelakho futhi Nguwe umbusi woqobo walelizwe. Sisize sikwazi ukulungisa ezezwe ngezindlela zikaNkulunkulu. Kwanga ungafika uMbuso waKHO eNingizimu Afrika.

Ilanga 10 - Gen 4:10-12. *"Khona wathi: 'Wenzeni na? Izwi legazi lomfowenu liyakhala kimi lisemhlabathini. Usuqalekisiwe emhlabathini ovulile umlomo wawo ukwamukela igazi lomfowenu esandleni sakho. Uma ulima umhlabathi, awusayikukunika isithelo sawo; wena uyakuba ngumhambuma nozulane emhlabeni.'"* Mvusi wezinto zonke, sicela ukuba uhlangule isiqalekiso sokubulala eNingizimu Afrika, ukuze umhlabathi uphinde futhi uthele okuvunwnayo bese uthumela zonke izimvula zokuqala nezokugcina, njengokwesethembiso sakho ku 2 Kronike 7:13. Ngegama likaJesu sicela ukuba ususe ukwahlukana okungenza ukuba abantu babenokuyaluza futhi nokwethuka. Siphe ukuthula kwakho nokuzinza kulesisizwe.

Ilanga 11 - Heberu 9:22. *"Yebo, cishe zonke izinto zihlanjululwa ngegazi ngokomthethe; ngaphandle kokuchitha igazi akukho ukuthethelelwa."* Nkosi Nkulunkulu, sivuma ukuthi uma simisa isikhumbuzo sokuchitheka kwegazi ezweni lakithi, ulaka nenzondo kugcwala ezinhliziyweni zethu ngalabo abasilimazayo noma ababulala imindeni yakithi futhi-ke nokuba selule ingalo yoxolo sibabeke` icala safuna impindiselo. Manje sesikhetha ukuxolela labo abasizwisa ubuhlungu, njengoba naWe wasithehtelela ngegazi likaJesu.

Ilanga 12- Habakuku 2:12; *"Wo ko wakha umuzi ngengazi, aqinise idolobha ngobubu!"* Daniyeli 9:8. *" Jehova, kithina kukhona amahlonibuso: kuwo amakhosi ethu, nakuzo izikhulu zethu, nakobaba, ngokuba sonile kuwe."* Nkosi yokulunga siyavuma ukuthi iningi lezicakacolo zethu kanye namadolobha asekeleke phezu kokungalungi, ukuchithwa kwegazi nobugebengu. Kusukela esisekelweni salesisizwe emakhulwini eminyakeni endlulileyo, amadoda namakhosikazi adumile asebenzsa amandla wao ukuchitha igazi. Sinamahloni ngenxa yesono sethu. Siza gudlula izisekelo zequnga esizweni sakithi, kuzicakavolo namadolobha, bese wendlala esisha esimiswe phezu kokuhlawulela kukaJesu Krestu kanye nokuphenduka.

Ilanga 13 - Isaya 1:15-16; *"Lapho nelula izandla zenu, ngiyakufihla kini amehlo ami; yebo, lapho nenza imikhuleko emingingi, angiyikuzwa; izandla zenu zigcwele igazi. Gezani, nihlanzeke, nisuse ububi bezenzo zenu phambi kwamehlo ami, niyeke ukwenza okubi."* uJoweli 3:21. *"Ngiyakuphindisela igazi labo engingakaliphindiseli, ngokuba uJehova wakhile eSiyoni."* Wena oMdala wezinsuku, wethembisile ukuthi uyokuzwa usezulwini uma sizithoba, sifuna ubuso bakho futhi siphenduka ezindleleni zethu ezimbi. Ake uzwe manje njengoba sithandaza ungabe usasitheza ubuso bakho kithi. Khulula iNingizimu Afrika kukho konke ukubulala;ukuchitha igazi okwenziwa abahlali bokuqala abanikela kwabanye onkulunkulu, ukuchitha igazi kuma-altare angaphandle komthetho wanamuhla (kwaminikelo- nje ezithixweni nokuba okungabonwayo ngamehlo noma isimo sempucuko),ukuchitha igazi ngokuphikisana kwezinhlanga kanye nokulwa kwezizwana; ukuchithwa kwegazi ngezikhathi zabakhayo kwelibuswa abakubo; ukuchitheka kwegazi okwabangwa izinhlangano zomzabalazo ezaziphambene nemibusi yamaNgisi kanye neyobandlululo; ukuchitheka kwegazi okwabangelwa ukubulala nokubhubhisa,izingozi ukuhushula;ukuzibulala, ubuphofu nezenzo ezingalungile. Vumela lelizwe ukuba lamukele impiliso Yakho, ukuhlanzwa, insindiso kanye nokubuyiselwa. Amen.

Ilanga 14 - Amahubo 51:12. *"Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho, ungiphase ngomoya ovumayo."* Msindisi wethu, siyathokoza emandleni egama Lakho. Ukwenza konke kube kuhle. Uyinkosi yokuthula, uMbusi wokulunga, uMahluleli wezinto zonke, uBaba wezintandane, uMvikeli wabafelokazi, siyathokoza kuWE. Ake likhazimuliswe igama Lakho eNingizimu Afrika. Sengathi abantu bonke bangavuma futhi badumise igama

lakho. Sigubha umkhosi wobuhle bakho obukhulu futhi sihlabelela ukulunga kwakho.

(isibonelo somkhuleko okufanele uthandazwe ezinkundleni zempi nasezikhumbuzweni zempi, ezindaweni zodweshu, nezindawo eziphathelene nokuhlabela inkonzo, ikiliniki yokuhushula, izindawo zezingozi, ukubulala, ukuzibulala nge.)

ICALA LOKUBULALA

Baba Nkulunkulu, siza kuWe ngegama leNdodana yaKHo, uJesu Krestu njengesethembiso esikuJohane 16:23. Malibusiswe igama Lakho elingcwele, Wena ophakemeyo phezu komusa wonke nendumiso. Nguwena wedwa iNkosi, wadala izulu; amazulu, nalo lonke ibandla lalo, umhlaba nakho konke okukuwo, izilwane nakho konke ophakathi kwazo, futhi Wena ulondoloza konke. Kanye zasendle nebandla elisezulwini sikhothamela Wena. Siyavuma namuhla ukuthi unguNkulunkulu phezu kwazo zonke izithixo, ukuthi akekho ofana naWe, O,Nkulunkulu. UnguNkulunkulu owadala izwe esihleli kulo. Futhi udale nezizwe ezihleli ngagazi linye futhi ucophelele isiqalo esiphathelene nezikhathi kanye nemingcele yezindlu zabo, ukuze bakufune Wena(Izenzo 17:26-27).

Ngokuzithoba, thina sizithoba phambi kwakho (Jakobe4:6-7) futhi siguqa ngamadolo ethu Kuwe ukuba sizilande, abantu bakithi ngokwahlukana kwabo kanye nezwe lakithi (Roma 14:11-12). UMoya oNgcwele usihlabile ngecala lethu mayelana nesono sokuchitha igazi, ukulunga Wena okufuna kithi njengabantu baseNingizimu Afrika kanye nokwahlulela kwakho izwe lakithi ngenxa yesono sethu.

UKCHITHEKA KWEGAZI KWESIKHATHI ESIDLULILEYO: Baba siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma ukuthi icala lokubulala lezizukulwane ezidlulileyo akuluniswanga lutho ngalo. Siyazisola namuhla ngokuchitha igazi ngezimpi ezweni lakithi (abaLungu namaKhoyi; abaLungu namaSan; abaLungu namaXhosa; amaSan; amaXhosa; Khoi; San namaGriekwa; San, Korannah; Zulu, Xhosa; Zulu, Basotho, Zulu, beLungu, Shangane, Zulu, Ndebele, Tswana, Ndebele, Pedi, Venda, Pedi, Bhunu, Ngisi, yisho noma iyiphi impi eyalwa ngakini) Sithandazela ukuthi uthele umusa Wakho phezu kwethu futhi unqamule ukuyingiliza kokuchitheka kwegazi kanye nonya lokuphindisela ezweni lakithi ngamandla egazi likaJesu Krestu. Siza ulethe ukubuyisana phakathi kwabantu ngokwahlukana kwabo ezweni lakithi bese igazi likaJesu libuyisa ubudlelwano, upholise izilonda zokwalana, inzondo nokungathembani. Sivuma futhi ukuthi amanye amatshe ezikhumbuzo esawakhayo ukukhumbula lezizimpi, zazisetshenziselwa ukuvusa inzondo, ulaka nokucwasa ngobuhlanga ezinhliziyweni zethu. Siyavuma ukuthi sivumele`lowomumo wezinhliziyo ukonakalisa umyalezo wethu ukuthi

uNgubani nokuthi sisebenzise iBhayibheli ukunika ilungelo lokuchitha igazi. Futhi siyavuma ukuthi amanye alamatshe ezikhumbuzo (Amaningi awo ukudumisa izithixo zaseGibithe nase Roma) awakhazimulisi igama Lakho. Siza usithethelele.

UKUCHITHEKA KWEGAZI LOKULWA: Baba weNkosi yethu uJesu Krestu, iBhayibheli liyasitshela ukuthi ukuphalala kwegazi lempi ngesikhathi soxolo kuyobiza impindiselo. Siyavuma namuhla ukuthi sinecala lokuchitha igazi ngezikhathi zokuthula ezweni lethu. Siyavuma futhi siyadabuka ngokubulala ngobushokobezi, izimpi zobuhlanga kanye nangokucindezela ngezikhathi zomzabalazo wenkululeko. Siyavuma izenzo zokungalungi ezaziqhutshwa yilabo okwakufanele bagcine ukuthula futhi sivuma izono kuWe Nkosi . Ake usithethelele.

UKUCHITHEKA KWEGAZI NGENXA YEZIMPI KWAMANYE AMAZWE: Baba, siyavuma ukuthi thina njengabantu bese Ningizimu Afrika sinecala lokuchitha igazi e Namibia; Zimbabwe; Mozambique; Lesotho kanye namazwe eNyakatho naseMpumalanga Afrika naseYurophu. Sithandazela ukuthi ukubulala kugudluzwe bese kuthi ukubuyisana kwenzeke.

UKUCHITHA IGAZI NGOKUBULALA NOKUZIBULALA: Baba, siyavuma futhi siyaphenduka njengabantu baseNingizimu Afrika ngokuchitha igazi lamakhulu ngokubulala esikwenzile ezweni lakithi . Futhi siyavuma icala lethu ngokwenza ukubulala kube semthethweni ngenxa yokuhushula nokuchitha igazi elingenacala kuma altare kamamona kanye nokududuzeka ngenxa yokubulala izingane ezingakazalwa. Siyazisola ngenxa yolaka, nenzondo kanye nokudabuka okuholela ekubulaleni emapulazini, emindenini kanye futhi nokucwasana ngobuhlanga.

UKUCHITHA IGAZI NGOKUNIKELA: Baba woMsindisi wethu uJesu Krestu, sivuma icala ezweni lakithi ngenxa yokuchitha igazi lezilwane (nelabantu) ngenkathi yokukhonza abanye onkulunkulu (kobusathane, ubuthakathi, ukukhonza noma ngabe yini noma ngabe ubani ngaphandle kukaNkulunkulu, uBaba kaJesu Krestu. Siyavuma futhi siyaphenduka kungaba noma ikuphi ukchitha igazi emigidini yokuthwasisa, okuphathelene nesimo senkonzo nesiko lemvelo kanye nokudla nokuphuza igazi ngezindlela zesimo sempucuko. Sithandaza egameni leNkosi uJesu Krestu ukuthi Somandla uyosusa isiqalekiso ezweni bese ubuyisela umusa Wakho ukuze izwe lithele ivuno ngokuphindiwe futhi. sithandazela ukuba Wena Simakade unqamule isiqalekiso nokwahlukanisa kanye nokuzula kanye nokuvumela aba ntu bahlale ezweni obanika lona Nkulunkulu. Sicela igazi kikaJesu elise altare ezulwini likhulume ngenxa yeNingizimu Afrika namuhla (Heb 12:24), ukuze lilethe intethelelo, ukuphulukisa kanye nokubuyiselwa ezweni lakithi. Amen.

UKUZIPHATHA KABI NGOKOCANSI (Ilanga 15-21)

KeGenesis 6 sitshelwa ngesehlakalo sokuqala sokungaziphathi kahle eBhayibhelini. Noma ibhayibheli lingasitsheli ngokucacile ukthi ngemppela kwenzekani ngalesosikhathi ngaphambi kukazamcolo, omunye umphumela wokwenzelana ngokocansi okwenzeka kwaba ukuthi umhlaba wonke wagutshuzelwa ubudlova. Ukwehla kwezinga lesintu ngenxa yezocansi ezingamanyala ziyachazwa kwabase-Roma 1. umphumela wokugcina kwabaukuthi abantu bamzonde uNkulunkulu, nkwaphlulela (v.32) kufanele ukufa, okwaba yikhona qobo uNkulunkulu akuphimisa esizukulwaneni ngaphambi kukazamcolo. Imikahuba yokonakala njengesono kuyachazwa kuLevitikusi 18:6-23 futhi kumbandakanye iziboniso njengokuthathana nowakwenu emndenini, ukuya ocansini owesifazane esesikhathini, ukuphinga, ubunqigingili, ukulala nesilwane kanye nobufebe. Etestamente e Lisha uPawulu uchaza imikhuba yokonakala ephathelene nocansi njengesono umuntu asenza ngokona owakhe umzimba (1 Cor. 6:18). KuLev. 18 imikhuba yakonakala ephathelene nocansi iyashiwo njengesinye sezizathu esichaza ukuthi kungani abantu belahlekelwa izwe labo. Esimweni semiphumela yakonakala ephathelene nocansi ezweni: ukuncipha kwesikhathi sokuphila, ukulahlekel;wa igunya lezinto zokomoya; ukukhanuka amandla; ukulahleka komoya wobunceku; ukulahlekelwa ukuzithoba kanye nekanuko yokocansi evula umgodi wamadimoni acindezelayo. UJesu, kuMathewu 5:28, wathahta elinye igxathu eliya phambili wathi noma sifukamele imicabango egcwele izinkanuko ezinhliziyweni zethu, sesivele iphingile. Ngkho kusho ukuthi akusiso isenzo njengesemikhuba yokonakala ephathelene nocansi ebanga ukungcola, kodwa ukonakalisa kwempilo yimicabango yethu ngenxa yokubuka izithombe ezibonisa ubunqunu babantu nezitho zabo zangasese kanye nezezindaba (Amaphepha, radio, netv). Ku 1 Kor. 5 uPawulu uxwayisa ngokusobala ukuthi ibandla akufanele libekezelele ukungcola ngakwezocansi phakathi emalungwini futhi kwabaseRoma 1 wathi ukwahlulelwa akuyikufika kuphela kulabo abenza lezizenzo kodwa nakulabo abavumelana nabazenzayo. Uma sibheka iNingizimu Afrika ngokomongo wendaba eshiwo yiBhayibheli mayelana nemikhuba yokonakala ephathelene nezocansi, ngakho sinecala phambi kukaJehova ngokuvumela lesisono ukubasisabalale futhi singcolise umphakathi wethu. Abantu abangase beze phambi kukaNkulunkulu bacele ukuhlanzwa kanye nokubuyiselwa kwemindeni, imishado kanye nemiphakathi, yilabo kuphela abanobudlelwane noNkulunkulu uBaba, ngoJesu Krestu futhi labo abazihlanzile ezenzweni zabo ezingcolileyo zezocansi ezimpilweni zabo.

UMKHULEKO OMAYELANA NEZENZO ZOKONAKALA ZOCANSI

Lemikhuleko ingasetshenziswa nsukuzonke ekuzikhulekeleni noma emithandazweni yamathimba

Ilanga15 - Levitikusi 18:6. *“Makungasondeli muntu kowakubo ukwambula ubunqunu bakhe; nginguJehova.”* Baba, Nkulunkulu, siyavuma isono sokuthathana nowakwenu phambi kwakho. Siyavuma ukuthi imindeni yethu ayisiphathanga ngokufanele nangenhlinipho mayelananezocansi. Sithandazela ukuhlwanzwa kwemindeni, ukuphiliswa kwezimpilo ezaphukileyo kanye nokubuyiswa nokobulili obucwebileyo ebudlelwaneni bomndeni. Sicela upholise izinkumbulo kanye nomumo wenhliziyo yethu yilokhu kuchilizela.

Ilanga 16 - Lev.18:20. “*Ungalali nomakhelwane ukuzingcolisa ngaye”* uMarku 10:11-12 *“Wathi kubo: ‘Yilowo nalowo olahla umkakhe, aganwe ngomunye, uyaphinga kuye. Naye, uma elahla indoda yakhe, agane enye, uyaphinga.”* uMathewu 5:27,28: *“Nizwile kwathiwa: ‘Ungaphingi.’ Kepha mina ngithi kini: Yilowonalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephinglile naye enhliziyweni yakhe.”* uJehova owethembekileyo, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma ukuthi iNingizimu Afrika inecala lokuphinga. Sicela intethelelo ngokungathembeki, noma ngabe kusezinhliziyweni zethu nje kuphela. Siza uhlumelele imishado eNingizimu Afrika bese uselekelela ukuba sithembeke ezithembisweni zethu.

Ilanga 17 - Lev 18:22; *“Ungalali nowesilisa njenganowesifazane; Kuyisinengiso.”* Roma 1:26-27. *“Ngenxa yalokho uNkulukulu wabanikela ekuhuhekeni okuyihlazo; ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza okwemvelo kwaba ngokuphambene nemvelo; ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, basha ngokukhanukelana, abesilisa benza okuyichilo kwabesilisa, bezitholela umvuso ofanele ukuduka kwabo.”* Jehova oyingcwele sivuma isono seNingizimu Afrika sobinqgingili nokulalana kwabesifazane phambi kwakho. Siyaqonda ngokwabase Roma 1 ukuthi kungenxa yokuba singakukhazimulisanga Wena njengoMdali wethu ukuze lokhu kwenzeke ezweni lakithi. Sicela intethelelo ngokulezemvelo ukwanelisa izinkanuko zethu. Sicela ukuphiliswa nokukhululwa kwalabo ababoshiwe yilesisimo. Ake usibuyisele kumadoda nabafazi owabadalela inkanuko Yakho.

Ilanga 18 - Lev 18:23. *“Ungalali nowesilisa njenganowesifazane; kuyisinengiso.”* Mdali wezulu nomhlaba, sicela intethelelo Yakho ngokuthi lezizenzo eziyisinengiso ziyenzeka eNingizimu Afrika. Sinamahloni ngendlela isizwe sakithi esiyinqabe ngayo imithetho Yakho. futhi sivuma isono Kuwe sokuphathelene nesimo senkonzo yabakhonza usathane, nezobulili, izenzo zemilingo kanye nesimo ngemvelo nempucuko ngokuphathelene nokufunda. Ake bese ukhulula abantu bakithi kulobubugqila. Siyathandaza ukuthi Wena uyokhuza umoya wenkani esizweni sakithi nokuthi usihlanze kubulili okungcolileyo.

Ilanga 19 - Jer. 3:2-3. *"Phakamisela amehlo akho emadulini angenalutho, ubone; kuphi lapho ongalalwanga khon na? Ngasezindleleni ubahlalele njengomArabiya ehlani, walingcolisa izwe ngobufebe nangobubi bakho. Ngalokho izihlambi zinqandiwe, nemvula yamuva ayibangakho. Nokho wawunebunzi lesifebe, wala ukuba nanahloni."* Nkulunkulu oYingcwele, siyabona ukuthi vkuyikho futhi sivuma isono sobundinwa phambi kwakho. Sicela intethelelo ngokuthengisa imizimba yethu nokungcolisa ithempeli Lakho. Sicela ukukhululwa emoyeni wobundindwa futhi sithandazela ukuphiliswa kanye nokubuyiselwa kwalabo abacindezelwa noma abakhetha ukubabazimbandakanye kulesisenzo futhi sithandazela ukulahlwa ngecala lesono labo abasebenzisa abasilisa nabesifazane ukuze bona bazuze imali. Futhi siyavuma ukumbandakanyeka kwethu kubulili okungcolileyo obuboniswa kwi internet kanye nokubekezelela izindlela ezahlukene zokuyenga kobulili kanye nezinto eziphathelene nobufebe nobunja okuchisiswa ngamazwi abezindaba. Sithandazela ukuba usihlanze ekungcoleni kobulili bese uthele uMoya Wakho oyingcwele kithi.

Ilanga 20 - Isililo 5:1,11,15 *"Khumbula, Jehova, esehlelwe yikho; bheka, ubone ihlazo lethu. Balala nabesifazane eSiyoni, izintombi zasemizini yakwaJuda. Intokozo yenhliziyo yethu iphelile; ukusina kwethu kuphendule ukulila.*" Jehova, Wena oyiSiphephelo sethu, intokozo imukile ezinhliziyweni eziningi ngenxa yokuhlupheke ngobulili kanye nokudlwengula. Siyabona ukuthi kuyikho ukuthi akakho noyedwa ezweni lakithi ophephile kulokhukubuswa ngonya. Sicela intethelelo ngokuvumela ukuba umoya wenkanuko usebenze ngokukhululeka kanye nokungakunazi. Ake usikhulule bese udalula misebenzi yobumnyama edala ukuchithakala kubantu ezweni lakithi. Sicela ulethe impiliso kulabo okwenziwa izono phezu kwabo bese ulahla ngecala abenzi bobubi bese ubasiza ebulungisweni nase nsindisweni kaKrestu.

Ilanga 21 - Heb 10:22. *"…masisondele ngenhliziyo eqinisileyo ngokwethemba okupheleleyo kokukholwa, zifafaziwe izinhloziyo zethu kungasekho valo lokubi, umzimba wethu ugeziwe ngamanzi acwebileyo;"* Jehova olungilelo noyiNgcwele, sidinga igazi likaJesu ukuhlanza imiphefumulo yethu kanye nemizimba yethu kukho konke ukungcola ngenxa yokonakala kobulili. Siza usibuyisele kubulobokazi Wena ofuna sibe yibo.Sinikela ngemizimba yethu ukuba ibe umnikelo ophilileyo, engcwele nathokozisayo kuWe njengokukhonza kwethu. Sicela ususe isiqalekiso sendluzula ezweni lakithi ebangwe ngukungcola okuphathelene nobulili. Sifundise ukuba szise ngokuzithoba futhi sikhonzane ngaphandle kokulangazelela amandla noma igunya ngaphandle kwakho Jehova. Sibuyisele emseni waKHo Somandla.

(**Isiboniso somkhuleko ngakhulekwa ezikhungweni zokonakala ngobulili njengamakholwa okugembula, izitolo zabakhulileyo, abaphelezeli**

bokuphathela, izikhungo zongqingili kanye nezindawo zokuhlangana, izindawo zobufebe, izindawo zokudlwengula, nge.).

IMIKHUBA YOKONAKALA EPHATHELENE NOBULILI

Baba sisondela esihlalweni sakho somusa ngeNdodana Yakho, uJesu Krestu. Siyakudumisa njeng ongcwele, uNkulunkulu ophezu kwabo bonke onkulunkulu. Nguwe na wedwa ofaneleukwamukela udumo lwethu. Izwi nezwi eliphuma kuwe licwebile futhi nguwe akukho ukungcola. Ngokwezwi lakho umphakathi wakithi unecala ngenxa yemikhuba yokonakala ephathelene nobulili. Njengomzimba wakho sivuma icala lemiphakathi yethu mayelana nlesisono. Siphuthile ukukhuluma ngokumelana nemikhuba yokonakala ephathelene nobulili futhi asenzanga okwanele ukuxwayisa abantu mayelana nobulili obungcolileyo. Siletha umphakathi wakithi kuwe manje.

UKUTHATHANA NOWAKWABO: Sivuma isono sokuthathana nabakwethu. Siyabona ukuthi kuyikho ukuthi amalunga emindeni yethu ayiziphathanga kahle nangenhlonipho ngokuphathelene nobulili. Siyavuma isono sabo kuwe njengoNkulunkulu onguBaba sonakalisiwe ngenxa yalesisimo. Sicela intethelelo futhi sikhulekela inhlambuluko yemindeni, nokuhlunyeleliswa kwezimpilo eziphukileyo kany nokubuyiselwa kobulili obuhlanzekile ebudlelwaneni bemindeni. Sicela ukuba uhlanze izinkumbulo zethu kanye nomumo wenhliziyo eyalimala ngalokhu kuthetaka.

UKUPHINGA : Jehova owethembekileyo, Wena owazichaza njengoMyeni ka Israyeli, "noMkhwenyana "olungiselela uMlobokazi wakhe idili, Siyavuma ukuthi iNingizimu Afrika inecala lokuphinga emiphakathini yethu. Sicela intethelelo ngokungathembeki kwamadoda amaningi kanye namakhosikazi, noma kungaba into esezifisweni zenhliziyo kungengazenzo. Sicela uphilise imishado emiphakathini yethu bese usisiza ukuba sithembeke sigcine izithembiso zethu esizenzileyo.

UKUHLOBONGA: (Ubulili obungcolileyonjengokuya ocansini ngaphambi komshado): Baba, Wena osinike imingcele mayelana nobudlelwane nobulili. Sivuma ukuhlobonga phambi kwakho njengesono emiphakathini yethu futhi ke njengesenzo kaningi kwenziwe kwaba into eyamukelekile ngabezindaba nangabempilo manje. Sicela intethelelo futhi siyathandaza ukuthi umphakathi wethu uyophinda futhi ubuyele emgudwini wezwi lakho mayelana nenhlanzeko yobulili ekwandulelweni kanye nasemshadweni.

UBUNGQINGILI KANYE NABESIFAZANE ABAHUNGULEKELA KWABANYE BESIFAZANE: Baba, Wena owadala owesilisa nowesifazane, sivuma phambi kwakho lesisono ukwenza izenzo zokocansi lapho owesilisa elala nowesilisa, kuthi owesifazane alale nowesifazane, into ongazange

utimise noma u ivumele. Sinamahloni ngendlela isizwe sakithi esiyilahle ngayo imithetho yakho. Sicela ukuba usithethelele ngokuvuma kwethu lezizinto ezenzeke ezweni lethu. Siyavuma ukuthi sibabeke icala labo ababenza lesisono, esikhundleni sokuba sibazise bakhululeke futhi baphiliswe nguwe Nkulunkulu. Sicela ukuba usiphe ukuqonda nobubele ngalabo ababanjwe ezingibeni zikasathane. Siyathandaza ukuthi uyobahlaba ngalesisono, ukulunga kanye nokwahlulela, bese uhlanza izwe lethu eziqalekisweni zokuphathelene nobulili obonakeleyo.

UBUFEBE: Baba Nkulunkulu, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma isono sobufebe phambi kwakho. Sicela intethelelo ngokuthengisa ngemizimba yethu nokungcolisa ithempeli lakho. Sicela ukukhululwa emoyeni wobufebe futhi sithandazela ukuphiliswa kanye nokubuyiselwa kwalabo abacindezelekile noma abazikhethela ukuzigaxa kulesisenzo futhi sithandazela ukulahlwa ngecala ngalesisimo kwalabo abasebenzisa amadoda nabesifazana ukuze bazuze imali. Futhi siyavuma ukuzigaxa kwethu ebubini ngokusebenzisa i- internet kanye nokubekezelela izindlela eziningi zezigabiselo zobulili echasiswa ngamazwi ngabezindaba. Sithandazela ukuthi usihlanze kubulili obungcolileyo futhi uthele uMoya wakho wobuNgcwele.

IZINTO EZIPHATHELENE NOBUFEBE NOBUNJA: Baba sivuma ukuthi siyivumele imiqondo yethu kanye nemicabango ukuba yonakaliswe izinto eziphathelene nobufebe nobunja ezitholakala ezitolo neziboniswa ngabezindaba nase mabhukwini, kuma video, ezithombeni zebhayisikobho nasemidlalweni ebukwa ngqo. Siyabona ukuthi kuyikho ukuthi ngalezizenzo sinecala lokuphinga kanye nokuhlobonga. Sicela intethelelo ngalesisono. Sicela ukuba uhlanze izinqondo zethu, imicabango kanye nosikisi lomzimba ngegazi likaJesu wenze imicabango yethu ithobele Izwi Lakho. Sithandazela ukuba sihlatshwe uMoya wakho oNgcwele oyokwenza ukuba izinto eziphathelene nobufebe zisuswe emiphakathini yethu nokuthi abantu ababanjwe yilenjwuyelo bakhululeke kulobubugqili ngeGama likaJesu.

UKUDLWENGULA: Baba Nkulunkulu, Wena oyisiPhephelo sethu, siyavuma phambi kwakho isono sokuhlupha ngobulili kanye nokudlwengula ezweni lakithi. Sicela intethelelo ngokuvumela umoya wenkanuko ukuba usebenze ngokukhululeka kanye nokonakaha konke lokho. Sicela ukuba usikhulule bese udalula imisebenzi yonke yobumnyama lena eyenza abantu babhubhiswe yilesisono. Sicela ulethe impiliso kulabo abathe boniwa bese ubeka icala abenzi bokubi ubalethe ebulungisweni kanye nasekusindisweni kuKristu.

UKULALA NEZILWANE: Baba Mdali wakho konke, siyavuma phambi kwakho isinengiso esiyisenzo sokuya ocansini nezilwane.Sicela ukuba uyidalule imisebenzi yobumnyama bese ubeka icala labo abenza lezizenzo

ukuba bakhonze izithixo, ukuze beze ensindisweni yakho. Siyathandaza ukuba ususe isiqalekiso ezweni ngenxa yalesisono.

IZENZO ZOBULILI NEZOKUPHATHELENE NENKONZO: Baba Nkulunkulu, siyavuma phambi kwakho izenzo zobusathane kanye nezobubi obuphathelene nenkonzo eyenziwa amaqembu emilingo kanye nezinkolo zobuhedeni. Siyavuma ukuthi iningi lemicimbi yethu yezimo zempucuko ikhuthaza imikhuba yokonakala umgumanqa wezidakwa ububi, imibhiyozo yobulili,kanye nezenzo zobulili zezinkonzo zokuzokuvunda. Sicela intethelelo ngalezizenzo ezingcolisa izwe, sithandazela ukuthi ubeke icala labo ababanjwa benza lemikhuba. Sithandazela ukuthi ukhulule abantu eNingizimu Afrika ezibophweni zikasathane nasezimpini zemilingo, kanye nakuyo yonke imimoya yezinkolo ezahlukeneyo,kanye nezindaba ezithathwe kokhokho nempucuko yabo. Baba ohlanzekileyo noNkulunkulu oyiNgcwele, sidinga igazi likaJesu Kristu ukuhlanza imiphefumulo nemizimba yethu njengominikelo ephilileyo, engcwele nethokozisayo kuwe kube ngukukhonza kwethu. Sicela ususe isiqalekiso sendluzula, ngubukhwixikhwixi bobulili ezweni lakithi. Sicela ubuyisele impilo yethu kulelizwe bese usandisela izinsuku zethu futhi. Sicela, njengoMzimba Wakho, sibe negunya futhi likamoya ezindaweni osinike zona Jehova ukuba sizibuse. Sifundise ukuba sazisane ngentobeko futhi sikhonzane ngaphandle kokunqwenela amandla noma igunya okungale` kwakho Simakade. Sicela ukuba ususe zonke iziqalekiso ezweni ngenxa yalezizono bese ubuyisela umusa Wakho eNingizmu Afrika. Amen.

IZIVUMELWANO EZAPHUKILEYO / IZINHLANGANO / IZIVUMELWANO (Ilanga 22-28)

UNkulunkulu weBhayibheli uzivezile kubantu njengoNkulunkulu wesivumelwano. Ku Adam no Eva wayenguJehova uMdali, ku Abraham waziveza engu Jehova onamandla onke; kuMose wazazisa engu Nguye bese kuthi ekugcineni waziveza Yena enguMsindisi (Mesiya), uJesu Kristu. UNkulunkulu akakaze aphule isivumelwano nesintu, kodwa kuGenesisi 3 siyafunda ukuthi u Adam no Eva njengabameli besintu, basebephula isivumelwano ababenaso noNkulunkulu ngokungazithobi. Lokhu kungazi thobi kwababiza kakhulu kwasekuthi isintu saphoqeka ukuba sihlale ngaphandle kukaNkulunkulu obubonakalayo base bephila ngomjuluko nokusebenza kanzima. Kuzozonke izikhathi lapho uNkulunkulu enza isivumelwano nabantu, wayenezela izibusiso, kodwa futhi wayeyibeka obala imigomo ukuthi ulindeleni kithi. Uma sikhetha ukuphambana nesivumelwano sikaJehova, ngakho okuphambene nesibusiso isiqalekiso, kwakuyoba esikutholile njengefa. Njengoba uNkulunkulu ethembekile esivumelwaneni sakhe, ulindele kithi, njengoba senziwe ngomfanekiso wakhe, ukuba sethembeke ezivumelwaneni esizenzayo. Ilowo nalowo oshadileyo wenze

isivumelwano naganene naye ukuba ahlukaniselwe lowomuntu impilo yakhe yonke. Isahlukaniso noma ukungathembeki emshadweni kuba isivumelwano ukuba sophuke. Kukhona isivumelwano esingashiwongo emndenini sokuthi ubaba nomama balondoloze abantwana. Imindeni enokungavamile yahlupheka ngenxa yokuthi lesivumelwano sasaphuliwe. Kukhona futhi isivumelwano esingashiwongo phakathi kukahulumeni nezakhamuzi zezwe. Uma imithetho yezwe ivuna abanye bese ingenzi ubulungiswa kwabanye, lesisivumelwano siphukile. Imiphumela yezivumelwano eziphuliweyo isobala eBhayibhelini. Izwe liyangcola likhale (Isaya 24:5-6), umhlabathi uqalekisiwe (Gen.3:17) futhi kungaba khona nendlala, impi kanye nesifo ngenxa yalesisono.

Ngalesikhathi sikaJoshuwa (Josh.9) abakwaIsrayeli benza isivumelwano nesinye sezizwe esihlala eKhanana, ukubavumela ukuba baphile. Eminyakeni engamakhulu amathathu namashumi ayisishiyangalombili kamuva, uSawula,inkosi yokuqala yakwaIsrayeli,entshisekelweni yakho ngo Israyeli noJuda, wasiphula lesivumelwano esenziwa nguJoshuwa. Ngenxa yokwaphulwa kwesivumelwano, uNkulunkulu wehlisela indlala ngasekugcineni kokubusa kukaDavide kwaIsrayeli (2 Sam 21) Lapho uDavide ebuza kuSimakade mayelana nalendlala, uNkulunkulu wathi kuyisijeziso phezu kuka Israyeli ngenxa yesinqumo sikahulumeni owandulele sokwaphula isivumelwano. KuHezekeli 14:13,21 uNkulunkulu uyamchazela umphrofethi ukuthi uma izwe liqhubeka nokungathembeki (laphula isivumelwano uNkulunkulu anaso nesintu), kuphanjenwe noJehova, imiphumela ingase ibe mibi kakhulu njengenkemba, indlala, izilwane zasendle noma umashayabhuqe wesifo. Ngokokubonakala kwalesisambulo, sifanele ukubheka imiphakathi yethu sibone ukuthi ngabe kwenzekani. Kungenzeka yini ukuthi uNkulunkulu usededele izijeziso zakhe ngenxa yokubelesela kokungathembeki eNingizimu Afrika na? Sithini ngesibhadalala seNgculaza, kholera, malaleveva noma isifo saMatele? uNkulunkulu usenguye uNkulunkulu weBhayibheli. Noma siphila esikhathi somusa, sisadinga ukuya esihlalweni somusa (Heb 4:16) siyocela isihawu ngesikhathi sokudinga. Esihlalweni somusa siyohlangana noMpristi wethu omkhulu, uJesu Kristu, lapho esebenza njengoMmeli wethu futhi enxusela thina, mayelana nezono zeNingizimu Afrika. Masimcele ukuba athele intethelelo maqondana nezivumelwano ezuphiliweyo eNingizimu Afrika .

UMTHANDAZO OMAQONDANA NEZIVUMELWANO EZAPHULIWEYO

Lemikhuleko elandelayo ingathandazwa nsukuzonke ekukhonzeni ngayedwana noma isetshenziswe ithimba labathandazi:

Ilanga 22 - Isaya 24:5-6. *“Umhlaba wonakalisiwe phansi kwabakhileyo kuwo, ngokuba beqile imithetho, badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano esiphakade. Ngalokho isiqalekiso sidlile umhlaba, nabakhileyo kuwo bathweswa icala; ngalokho obakhileyo emhlabeni bashiswa, kusale abantu*

abayingcosan nje." Jehova Nkulunkulu wesivumelwano, siyavuma ukuthi iNingizimu Afrika inecala ngokwaphula isivumelwano nawe Simakade. Siyiphathe ngendluzula imithetho yakho Nkulunkulu futhi asiyinakango imiyalelo yakho. Sicela intethelelo futhi siyathandaza ukuba ukhumbule isivumelwano sakho ngoJesu Krestu. Sicela ukuba ususe isiqalekiso esifike phezu kwethu ngenxa yokungayithobeli imithetho Yakho,

Ilanga 23 - Jer. 3:1-2; *Kuthiwa uma indoda ilahla umkayo, abesemuka abe ngowenye indoda, isayakubuyela kuye na? Lelo zwe belingayikungcoliswa kakhulu na? Kepha wena ofebile nezithandwa eziningi ubuyela kimi," usho Jehova. "Phakamisela amehlo akho emadulini angenalutho, ubone; kuphi lapho ongalalwanga khona na? NgasenzindleleniubahlalelenjengomArabiya ehlane, walingcolisa izwe ngobufebe nangobubi bakho."* Malaki 2:16. *"Ngokuba ngiyazonda ukwanhlukana, usho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, nozisibekelayo ngobudlova njengesambatho, usho Ujehova Sebawoti."* Wena Jehova weThembekileyo, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma icala lethu phambi kwakho ngenxa yesahlukaniso ezweni lakithi. Amakhaya amaningi ahlukene nezimpilo zicekeleke phansi ngenxa yaleso sono. Ake uthethele ukungathembeki kwethu kanye nobugovu ngenxa yokungathembeki kwethu ezivumelwaneni zomshado kanye nezithembiso esizenzileyo. Sikhulekela ukubuyiselwa kwemishado, ukwaphulwa kobudlelwane kanye nemindeni nokuthi Jehova uyoletha impiliso kulabo abalimele. Sicela ukuba uselekelele ukuba sethembeke, ukusizana nokwazisa omunye nomunye nokuba simelene nezilingo eziza kithi.

Ilanga 24 - 2 Sam. 21:1 ; Joshuwa 9:15. Jehova ophakemeyo kakhulu, Jehova onguMlamuleli wesivumelwano esisha, siyavuma ukuthi iNingizimu Afrika inecala lokuphula isivumelwano esisenzile omunye komunye okuvamise ukuba kuphethe ngokuchitheka kwegazi njengoba kwenzeka ngesikhathi sika Sawula. Ake usithethele ngokungaligcini izwi lethu okuthi isiphetho salokho kube ngukubhekana neminyaka yobuhlungu ngenxa yokuziphindiselela, ulaka, inzondo kanye nokwanda komoya ezweni lakithi. Sidinga ukuhlanzwa nguwe Jehova futhi sicela ukuba ususe lelicala kithi ngegazi likaJesu. Sicela ukuba usisize ulamule phakathi kwethu nalabo abasonayo bese uletha imbuyiselo lapho kudingeke khona.

Ilanga 25 - Isaya 10:2; *"…ukuchezukisa abampofu ekwahluleleni, nokwaphuca abaswelayo babantu bami umthetho, ukuze abafelokazi babe yimpango yabo, baqhwake izintandane."* Luka 11:46; *Kepha wathi: "Maye nakinina zazimthethom ngokuba nithwesa abantu imithwalo ethwaleka kalukhuni! Nina-ke uqobo lwenu aniyithinti leyo mithwalo nangowodwa weminwe yenu"* Izaga 21:2 *Zonke izindlela zomuntu zilungile emehlweni akhe, kepha uJehova ulinganisa izinhliziyo."* Mbusi phezu kwamakhosi onke omhlaba, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma ukuthi iNingizimu Afrika inecala ngenxa yemithetho engenabo ubulungiswa bomthetho,

ukucindezelwa kwabantu, ukwaphucwa kwabampofu ilungelo labo kanye nokugodla ubulungiswa soloko abokuqala babeka imicondo yabo kulelizwe, ababusi namakhosi alesisizwe. Sicela intethelelo. Sicela uthulule umusa wakho kithi Jehova bese weluleka abaholi bethu ukuba benze izinqumo ezinengqondo. KuZaga21:1 Jehova wena uthi inhliziyo yenkosi isesandleni sakho. Sicela ukuba uqondise izinhliziyo zabaholi bethu ukuba balandele imithetho yakho Simakade.

Ilanga 26 - Jer.22:13 *"Wo koyakha indlu yakhe ngokungalungi, namakamelo akhe ngokungafanele, osebenzisa umakhelwane wakhe engamholeli, angamniki lutho ngomsebenzi wakhe."* uJehova wenduduzo yonke, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma isono sokuxhaphaza abampofu, ngokubakhokhela ubala nokusebenzisa abantu ukuze kube yithi esizuzayo. Sicela ukuba udalule yonke inkohlakalo kanye nemisebenzi yobumnyama ezindaweni zezimali nakwezohwebo sisize ukuba senze njengokwethembeka kwethu kwabampofu, abaswele,izintandane nabafelokazi. Futhi siyavuma ukona kwethu ngokungaqondisi ngomthetho ngeminyaka yobugqila kanye nokuntula nokucindezela okwakungumphumela wohlelo lelo. Sicela ususe icala lokona abantu ngokungaqondisi ngomthetho futhi sihole ukuba sizise inkokhelo lapho idingeke khona.

Ilanga 27 - Hoseya 4:1-3 *"Yizwani izwi likaJehova nina bantwana Bakwa-Israyelis, ngokuba uJehova unokuphikisana nabakhileyo ezweni, lokhu kingekho qiniso, namusa, nakumazi uNkulunkulu ezweni. Kokhona ukufunga nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokuphinga; bayafohla, igazi le landele igazi. Ngalokho izwe liyakudabuka, bonke abakhe kulo badangale kanye nezilwane zasendle nezinyoni zezulu;" uJehova* wenkazimulo, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma icala lethu lokungabi nalukholo, nezimo zokungabi naluthando futhi thina njengesizwe asikwamukele`njengoNkulunkulu wethu. Sivuma ukuqalekisa, ukuqamba amanga, ukubulala, ukweba kanye nokuphinga njengokwaphula isivumelwano nawe Jehova kanye nabanye. Siyavuma ukuthi sahlulekile ukuphatha ubugebengu ngenxa yokuthi wena Nkulunkulu asikushayanga-mkhuba kanye nezindlela zakho. Sicela ukuba usithethelele bese uphilisa lesisizwe.

Ilanga 28 - 2 Izikronike 6:14; *"…ethi: 'Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, akakho Unkulunkulu onjengawe ezulwini noma emhlabeni, ogcina isivumelwano nomusa nezinceku zakho ezihamba phambi kwakho ngayo yonke inhliziyo yazo"* Jer. 31:33; *"Kepha yilesi esiyisivumelwano engizakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku, usho uJehova: 'Ngiyakufaka umthetho wami ezibilinini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami"* 1 Korinte 11:25-26 *"Kanjalo wathabatha nesitsha emva kokudla kwakushihlwa, wathi: 'Lesi sitsha siyisivumelwano esisha egazini lami; lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo ukuba*

ningikhumbule. Ngokuba njalo, nxa nidla lesi sinkwa niphuza lesi sitsha, nimemezela ukufa kweNkosi ize ifike." Baba siza kuwe Jehova ngeGama likaJesu Kristu ngenxa yabantu baseNingizimu Afrika, ukubonga Jehova ukuthi unguNkulunkulu ogcina isivumelwano sakhe kanye nomusa nalabo abakulandelayo ngenhliziyo epheleleyo. Siyabonga ukuthi ngaye wenza isivumelwano esisha into eyenzekayo kithina sonke ngomnikelo kaJesu Kristu esiphambanweni. Sicela ukuba ubhale imithetho yakho Simakade ezingqondweni zethu nasezinhliziyweni zethu, ukuze silandele izindlela zakho Somandla kulelizwe. Simisa isicelo sethu ezithembisweni zesivumelwano esisha uJesu asilondela zona nxashana ezinikela uxobo njengomnikelo ngenxa yokuthethelelwa kwezono zethu.

(Isifanekiso somkhuleko ongathandazwa ezindaweni lapho kwenzeka okungalungile, lapho kwaphulwa khona izivumelwano, izahlukaniso, njl.)

IZIVUMELWANO EZAPHULIWEYO

Baba siyabonga ngoJesu Kristu, owavula indlela futhi okungegazi lakhe sinokusondela kuwe Jehova. Siyabonga ngegazi likaJesu, isivumelwano esisha, nesethembiso sokuthethelelwa izono. Nkulunkulu ogcina isivumelwano wena owazembula njengoJehova Elohim uMdali, El-Shaddai - onamandla onke, YhWH- Jehova, Jesu Kristu kanye noMoya oyiNgcwele, siza esihlalweni sakho somusa ngoba thina bantu baseNingizimu Afrika sidinga usizo. Siyabona ukuthi kuyikho futhi sivuma ukuthi eNingizimu Afrika sephule izivumelwano nawe Jehova kanye nomunye nomunye. Siyavuma ukuthi njengesizwe asiphilanga ngokwemiyalo yakho nemithetho yakho Simakade. Thina kanye nawoBaba, Siphambukile ezindleleni zakho sabe sesilandela izeluleko zezinhliziyo zethu okwathi ezikhathini eziningi zaba yizindlela zokwenza ukungalungile. Sicela ukuba usithethelele.

IZIVUMELWANO EZAPHULIWEYO NEZIVUMELWANO PHAKATHI KOHULUMENI NOMA NABANTU: Nkulunkulu wesivumelwano, siyavuma ukuthi iNingizimu Afrika inecala lokwaphula izivumelwano komunye nomunye. Emlandweni wezwe lakithi siyesenza zivumelwano omunye nomunye kodwa sizophulele lezozivumelwano ngokukhohlisa kanye namanga futhi khathi simbe saze sachitha igazi. Sivuma izivumelwano ezaphuliwe phakathi kwabeNguni; phakathiu kwamaZulu nabeSuthu; izivumelwano ezaphulwa phakathi kwamaNdebele, abeSuthu, abeTshwana, izivumelwano ezaphulwa phakathi kukaZulu namaTsonga, izivumelwano ezaphulwa phakathi kwamaVenda namaPedi, izivumelwano ezaphulwa phakathi kwabeLungu ababakhe ezweni okungesilo elabo naBathwa(Khoi); izivunelwano ezaphulwa phakathi kwabeLungu ababakhe ezweni okungesilo elabo namaXhosa; izivumelwano ezaphulwa phakathi kwamaBhunu noZulu; izivumelwano ezaphulwa phakathi kwamaNgisi noZulu namaXhosa; izivumelwano ezaphulwa phakathi kwamaNgisi namaBhunu izivumelwano ezaphulwa

phakathi kwamaBhunu nabomdabu baseNingizimu, izivumelwano ezaphulwa phakathi _____ (kwesivumelwano esaphulwa phakathi kwezinhlanga zase Ningizimu Afrika ongase uzikhumbule). Sicela igazi likaJesu lesule isiqalekiso ezweni ngenxa yalezivumelwano ezaphulwa. Sicela ukuba umise lokhu kuyingiliza kwenzondo, ukuphindisela kanye nolaka ngenxa yalezizivumelwano ezaphuliweyo.Letha impiliso kanye nokubuyisana phakathi kwezinga zabantu bese ubuyisela iNingizimu Afrika isipho sokubuyisana ukuze sikwazi ukwemukelana futhi sibusisane kanye futhi nezizwe zomhlaba ngakho ukubuyisana. Sicela ukuba wakhe iNdlu yomkhuleko yezimhlanga zonke enikizimu Afrika eyokuma ngokuvumelana phambi kwesihlalo sakho Nkulunkulu futhi sicela ukuba intando yakho yenziwe enikizimu Afrika Simakade.

IMITHETHO KANYE NEMIGOMO YOKWENZA OKUNGALUNGILE: (Asiyifakanga yonke imithetho eqondene nokwenza okungalungile kulomthandazo. Sicela ulandele ukulawula kukaMoya oNgcwele njengoba uqhubeka uthandaza mayelana nalesisihloko). Baba, njengabantu baseNingizimu Afrika futhi singa _____ (yisho uhlanga lwakho), sivuma imithetho yokwenza okungalungile yezizukulwane zethu eziphambi kwethu. Siyavuma futhi
siyaphenduka ngenxa yemithetho eyabangela ukuba abantu baphangwe lokho okuyizisekelo zamalungelo abo njengabantu phambi kwakho Jehova: Imithetho yobugqila, umthetho wokuBhaliswa kwabantu (1950) kanye nomthetho omayelana nezihlanga ezahlukene(1949). Siyavuma futhi siyaphenduka ngemithetho eyayimile, nesamile ebandlululayo ezinhlangeni ezithile nokuthi ibange iyanhlukano nenzondo phakathi kwezinhlanga ezahlukene (njenge Glen Grey Act ka 1894). Siyavuma futhi siyazisola ngemithetho leyo eyathi yehlisa isithunzi sabathile yadumaza abantu (njengo"mthetho wamaPasi" kanye neAfscheiderungsbeleid ka 1846). Siyavuma futhi siyaphenduka ngemithetho eyabanga ukuba abantu bahlukane nezwe kanye nempahla yabo: Umthetho ohlukanisa abantu ngezindawo zokuhlala (1950), umthetho wezomhlaba ka 1913 kanye noka 1936. Siyavuma futhi siyaphenduka ngemithetho eyadala okungalungile kubavakashi ezweni lakithi. Siyavuma futhi siyaphenduka ngemigomo elwayo namaJuda ngesikhathi esedlule nesamanje. Siyavuma futhi siyaphenduka ngemithetho ephambene ngqo nezwi lakho Jehova: ukwenza kube ngumthetho ukuhushula izisu kanye nokuvumela ukugembula. Siyavuma futhi siyazisola ngemithetho yokwenza okungalungile eyimbangela yokuba kuchitheke igazi elingenacala (njengoba uShaka ashaya umthetho wokuba kubulawe abesifazane abakhulelwe - emuva kokufa kukanina). Siyavuma futhi siyaphenduka ngemithetho ephathelene nezizwana yokuba _____ (uhlanga lwakini), ephambene ngqo nezwi likaSimakade. Siyavuma futhi siyazisola ngemithetho eyabeka ithemba labantu kuNkulunkulu engcupheni.

ISAHLUKANISO: Jehova owethembekile, siyabona ukuthi kuyikho futhi siyavuma icala lethu phambi kwakho ngenxa yesahlukaniso ezweni lakithi. Amakhaya amaningi abhidlikile kanye nezimpilo zichithakele ngenxa yalesisono. Sicela ukuba uthethelele ukungathembeki kwethu kanye nobugovu obenza singazigcini izivumelwano nezifungo esazenzayo. Sithandazela ukubuyiselwa kwemishado, nobuhlobo obaphuliwe kanye nemindeni, ukukhonzana kanye nokuvimbela izilingo eziqonde kithi. Sicela ubuyisele obaba njengabapristi bemindeni bese uletha omama kanye nabantwana phansi kokuvikeleka kwenhloko yomndeni.

UKONA NGENXA YOKUNGAQONDISI NGOMTHETHO: Baba sisondela phambi kwakho Jehova ukuvuma ngokwenza okungalungile emphakathini wethu. Siyavuma futhi siyazisola ngokuqalekisa, ukuqamba amanga, nokweba emphakathini wethu. Siyavuma futhi siyaphenduka ngobukelemu bomphakathi wethu. Siyavuma futhi siyazisola ngenxa yezindlela eziningi imithetho yezwe eyaphulwa ngayo ngobudedengu, ukungakhathali, ukwenza ngokungacabangi kanye nokudelela umthetho. Siyavuma futhi siyaphenduka ngokubhuntshisa kwemikhakha ethile imiphakathi, ikakhulukazi abantu abadala kanye nezingane, Siyavuma futhi siyaphenduka ngokungabi nanhliziyo maqondana nalabo abazwiswa ubuhlungu ngenxa yobuphofu nezifo. Siyavuma futhi siyaphenduka ngokugodla okweshumi endlini yakho yengcebo Jehova, ukuze abantu abadingayo bakwazi ukunakekelwa futhi babonelelwe. Siyavuma futhi siyaphenduka ngokuzifunela eyethu induduzo ngaphambi kokuba sithwale umthwalo walabo abasizungezileyo . Sicela ukuba ubuyisele "amehlo" ukuze sibone lokho wena Nkulunkulu okubonayo emphakathini wethu, ukuze sikwazi ukuzwa ngenhliziyo kaNkulunkulu, sisize ngenhliziyo kaSimakade. Silekelele sithathele emahlombe ethu labo abadingayo futhi sibaphe ukudla futhi sibambathise njengokwezwi lakho Simakade. Sengathi ibandla lingaba ngomele wena. Somandla ngeqiniso eNingizimu Afrika.

Baba, thina njengomzimba wakho sifuna ukuzithathela emohlombe ethu iNingizimu Afrika, ukuthandazela uhulumeni, sikhulume egameni lakho Nkulunkulu. Sicela usiphe isibindi ukuze sikumele lokho okulungileyo, sikhulume simelane nalokho okungalungile futhi sibakhulumele labo abacindezelweyo kanye nabaphethwe ngokhahlo. Sicela ukuba ukhulule iNingizimu Afrika kulelicala lokona ngokungaqondisi ngomthetho, ngezivumelwano ezaphuliweyo kanye nobudlelwane obaphuliweyo. Sihlanze ngegazi likaJesu bese uletha impiliso kanye nokuhlawulela izwe lakithi. Sicela ususe isiqalekiso ezweni lakithi bese uvusa umhlabathi ukuba uphinde uthele ukudla futhi. Khuculula bonke ububi kanye nemfundiso yobuhedeni eyangena esizweni sakithi ngenxa yalezizivumelwano ezaphuliweyo. Phana impilo kubantu bakithi bese kuthi ubuso bakho Somandla bukhanye phezu kwethu ngomusa wakho Nkulunkulu. Sengathi iGama lakho Simakade lingakhazimuliswa eNingizimu Afrika. Sengathi thina singaba isizwe

esikhonza wena Nkulunkulu ngobuqotho. Sengathi singabizwa ngababusisiwe ngenxa yokuhle oyokwenza kithi. Thulula uMoya wakho oNgcwele phezu kwalelizwe Simakade, ngegama likaJesu Kristu, uMpristi wethu oMkhulu.

INKONZO YEZITHIXO (Ilanga 29-49)

Ukukhuleka izithombe yisono esibhekene ngqo noNkulunkulu. Unkulunkulu ufanisa lesisono nokuphinga ngokomoya. Kungukukhonza noma ngabe yini noma ngabe ngubani ngaphandle kukaNkulunkulu njengoba aziveza uqobo lwakhe eBhayibhelini, noma ukubeka ithemba lakho kunoma ngubani ngaphandle kukaNkulunkulu. Yilesisono esabanga ukuba enze lomyalelo olandelayo emithethweni eyishumi: Ngokuba Mina, Jehova uNkulunkulu wakho, nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo."(Eksodusi 20:5)

UNkulunkulu weBhayibheli mkhulu kakhulu phezu kwabo bonke onkulunkulu abakhonzwayo ngabantu kanye nezizwe. UJehova uNgcwele futhi unguMninimandla onke. UJehova uhlala ekukhanyeni okungenakusondelwa kukho. Akunankohliso nasicana sobumnyama kuSomandla; uJehova uhlanzekile futhi wethembekile. uSimakade ukholekile futhi uneqiniso ezwini lakhe. Ujehova ulungile. UJehova nguye uNkulunkulu kuphela owazinikela ukuze enzele abantu indlela yokumkhonza. UJehova nguye kuphela owakhokhela abantu itengo, ukubabusisa ngensindiso yokuphila okuphakade. UJehova unguyena Unkulunkulu yedwa ohlala ngaphandle kwesikhathi, indawo nomlando. Usimakade uyisiQalo nesiphetho. Unkulunkulu singamethemba ngezimpilo zethu. KuJehova kukhona impilo, kunentokozo eningi, kunesiqiniseko nenduduzo kanye nothando kanye nazozonke izethembiso zezivumelwano zakhe uNkulunkulu. UJehova ufanele ukuba nguNkulunkulu womhlaba wonke. Akukho okunye okungaqhathaniswa noNkulunkulu. Ake ucabange inhlamba yokukhonza okunye noma omunye ngaphandle kukaNkulunkulu, ukuthatha indawo kaNkulunkulu noMdali womhlaba wonke kanye nezulu nonkulunnkulu ongesiye.

Isithixo noma ngabe intoni ekhonzwayo esikhundleni sikaNkulunkulu weqiniso. Phakathi kwezinto zasendulo ezikhonzwayo, zithathwa njengophawu lobunkulunkulu, kwakuyizigaxa zamatshe eziwe esibhakabhakeni, abasendulo abecabanga ukuthi izifanekiso zezithixo ezithunyelwe zivela ezulwini (njetshe elimnyama elikhonzwa e Kaaba eMecca). Ezinye izifanekiso zifaka phakathi izinsika ezithathwa njengezingcwele ezigxunyekwe ezindaweni ezibalulekile (njengamatshe abiyiweyo [obelisks] ezikhumbuzweni), amatshe, (njengamatshe endalo akhonzwa njesithixokazi noma amatshe amilileyo , asikwe emadwaleni), ezihlahleni (njenge baobad okuwuhlobo oluthile lwesihlahla saseAfrika

esinesiqu esikhulu - [umkhomo] noma izibonda ezakhiwe ukuze zimise okwesihlahla), ilanga, inyanga, izinkanyezi, umgamu wezulu eliphezulu, izikhumbuzo lapho kwendlale khona izimbali noma utshwala obugayelwe amadlozi, izithombe ezimele izimpi zemimoya (njengophawu oluyisilwane zezizwe zase Afrika esaziwa yibo bonke, izimbozabuso, amahawu, ubucwebe, ukuzibhala emzimbeni njl)

Inkonzo yezithixo futhi imbandakanya imicabango kanye neqoqo lamasu asezinhliziyweni zabantu abanomqondo ophambene nokwazi kanye nezwi likaNkulunkulu (2 Kron.10:5). Lokhu kuhlanganisa nokukhonzwa komuntu (njengohlelo lwezinkolelo noma izimiso eziqondene nezidingo zomuntu, intando yeningi noma ukukhonza ngenxa yobuqhawe), umhobholo (ukuthanda izinto zomhlaba nokuthembela kuzo) okuhloswe ngenqondo (njengobukhomanisi), ukwazisa ubuzwe njengokuthi nje uma isizwe sibaluleke ngaphezu kukaNkulunkulu, ukuthanda nokushisekela izwe lakubo (kuzekubaluleke ngaphezu kwezindlela zikaNkulunkulu) kanye nohlelo lwezinkonzo olunqabela iZwi likaNkulunkulu elithi : "Ngokuba alikho elinye igama phansi kwezulu elinikwe ebantwini esingasinda ngalo ." (ngaphandle kweGama likaJesu) (Izenzo 4:12)

Unkulunkulu wanikeza imithetho eqonde ngqo mayelana nodaba lwenkonzo yezithixo. UJehova wacacisa ukuthi akanakukhonzwa nezithombe (Deut. 4:16- 19), futhi singaliphathi igama lesithixo (Eksodusi 23:13). wayecace bha uma uJehova ethi ukudla kuze kunganikelwa kwezinye izithixo (Eksodusi 34:14,15; Izenzo 21:25; 1Kor. 8:4-13; 1Kor. 10:19-21). Unkulunkulu waxwayisa ngesiqalekiso esingase sikwehlele uma uke ulinge ulethe nje isithombe noma umfanekiso, okhonzwayo noma osetshenziswa ukukhonza isithixo, ekhaya lokho nje njengomhlobiso (Deut.7:25-26). Unkulunkulu uyakusola ukuxhumana nemimoya ngaphandle kwakhe uJehova, umthombo nemimoya yamadlozi, kanye nezinyanga (Isaya 19:3;Hez 13:18,23). Nxashana isithombe noma umfanekiso osetshenziselwa ukukhonza izithixo noma imimoya yezinkolo ezahlukeneyo engenziwa kuphela ngokhuni, itshe noma insimbi, ngoba lezizinto zahlukaniselwe ukukhonza into engesiyena uNkulunkulu, iyangcola ngokukhonza amadimoni (1Kor. 10:19-20) futhi uJehova akagculiswa ngalemifanekiso ebukhoneni uJehova (Hezekeli 8:9-10).

Lapho abantu besuke bekhonza izithixo basuke bemlahlile uNkulunkulu. UNkulunkulu ucace bha ngokuthi bonke abantu bamazi uSomandla kodwa bakhetha ukukholwa ngonkulnkulu bamanga (Roma 1). Uma isizwe siqhubeka nokungathembeki kuNkulunkulu , ikakhulukazi ngokukhonza onkulunkulu bezinye izizwe, uNkulunkulu ube esewususa umusa wakhe kubo bese eletha ukwahlulela, kumbe ngezimpi, ingozi enkulu kuyo yonke imvelo ezungeze abantu nabo uqobo noma umashaya -bhuqe wesifo. UNkulunkulu wathi kwabakwaIsrayeli badilize wonke ama altare kanye nazozonke

izithombe zonkulunkulu bamanga futhi babhubhise ngokupheleleyo yonke inhloso yohlobo lokukhonza kwabo (Deut.12:3). Ngenxa yokuthi uIsrayeli wehluleka ukuzenzalezizinto, bacushwa ngabanye onkulunkulu futhi njengesizwe, bangena phansi kwesiqalekiso sikaNkulunkulu (Abahluleli 2:2) Isehlakalo sokuqala lapho uNkulunkulu ahlulela khona ukuzikhonza komuntu kwakukuGenesisi 11, lapho abantu ababebuthene eBabele ukuzenzela igama bona, bachithelwa emhlabeni wonke. UNkulunkulu uyaphindaphinda ukusixwayisa ukuthi singabeki ithemba lethu emaswini ethu noma emaswini omuntu (Amahubo 33:10;Isaya20:1; Jeremiya 18:12; Roma 12:1,2) kodwa siphendukele kuJehova sithole isaluleko.

IMIKHULEKO EQONDENE NOKUKHONZA IZITHIXO

Ilanga 29 - Jer. 2:5; *"Usho kanje uJehova, uthi: 'Ububu bubi oyihlo ababufumene kimi, baze badeda kude nami, balandela okuyize, baba yize, na?"* 2 Kor.6:17. *"Ngakho-ke phumani phakathi kwabo, nahlukane nabo, isho iNkosi; ningathinti okungcolileyo; khona ngiyakunamukela"* uJehova ungu, uNkulunkulu wawonkulunkulu futhi unguMbusi wababusi. uNkulunkulu uMninimandla onke, uBaba ongunaphakade, uJehova oLungileyo. Siyabona ukuthi kuyikho futhi siyabona ukuthi thina kanye nawokhokho bethu asithembekile futhi sakhothama kwabanye onkulunkulu kulesisizwe savusa intukuthelo Yakho. Sizivumele izinhliziyo zethu ukuba zidonselwe enkolweni yokuthi akukho lutho ngaphandle kwalokho okubonakalayo, umona ubuntofontofo kanye nemvelo. Sikhothama kuwe Jehova njengawe Wedwa ofanele ukukhonzwa yithina. Sizwakalisa isifiso sokubuyela emuva Kuwe njengesizwe, ukukwazi Jehova njengoNkulunkulu Wethu. Sithobela izindlela zakho Jehova. Sicela usithethelele ngokungathembeki kwethu Kuwe Somandla.

Ilanga 30 - Jer. 3:9; *"…nangokuzwakala kokufeba kwakhe langcoliswa izwe, waphinga nemithi namatshe."* Amakhosi 17:9-11; *"Abantwana bakwa-Israyeli benza ngasese izinto ezingalungile kuJehova uNkulunkulu, bazakhela izindawo eziphakemeyo emzini yabo yonke ngasemibhoshongweni yabalindi nasemizini ebiyelweyo. Bazimesela izinsika nawo-Ashera emagqumeni onke aphakemeyo naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza, bashisa khona impepho ezindaweni zonke eziphakemeyo njengokwenza kwabezizwe uJehova abaxosha phambi kwabo, benza izinto ezimbi ukumcunula uJehova"* Roma 1:23. *"…nenkazimulo kaNkulunkulu ongabhubhiyo bayiguqula ifane nomfanekiso womuntu obhubhayo, owezinyoni, nowezilwane ezinezinyawo ezine nezinwabuzelayo."* Baba siyavuma futhi siyabona ukuthi kuyikho ngecala lethu lokukhulekaya izithombe eNingizimu Afrika. Siyavuma futhi siyaphenduka ngazozonke izindawo lapho izithombe zabanye onkulunkulu kanye nabantu bamiswa khona abangalikhazimulisi iGama likaJehova. Siyavuma futhi siyaphenduka ngezinsika zenkolo ezweni, kanye nokukhonza amatshe nezihlahla ngokwezono lezo ezingabizi iGama likaJesu Kristu

njengoMsindisi wabo. Sicela ukuba ube nomusa kithi njengesizwe bese usikhululula kulesisono nasebugqilini ngegazi likaJesu Kristu.

Ilanga 31 - Isaya 19:3,4; *"Umoya waseGibithe uyakuba yize ngaphakathi kwalo; ngiyakuchitha amasu alo; bayakufunda onkulunkulu, nezinyanga, nabanamadlozi, nabathakathi. Ngiyakubanikeza absaGibithe esandleni senkosi elukhuni, nenkosi enamandla iyakubusa phezu kwabo, isho iNkosi uJehova Sebawoti."* 1 Izikron. 10:14. *"Wafa kanjalo-ke uSawule ngesiphambeko sakhe aphambuka ngaso kuJehova ngenxa yezwi likaJehova angaligcinanga nangokuba kade eyile ukubhula konedlozi ukuba abuze kuye, engabuzanga kuJehova; ngalokhe-ke wambulala, wabuyisela umbuso kuDavide indodana kaJese."* Baba Nkulunkulu, siyavuma isono sokubhula kwabanamadlozi nakubangoma ngokuphathelene nekusasa lethu, esikhundleni sokubuza kuNkulunkulu onamadla onke amakhulu nobaba weNkosi yethu uJesu Kristu. Siyaphenduka esonweni sethu futhi sicela intethelelo ngegazi likaJesu Kristu. Sicela ukuba usibuyisele ebuhlotsheni nawe Jehova.

Ilanga 32 - Amahubo 52:7; *"Kepha mina nginjengomnqumo oluhlaza endlini kaNkulunkulu; ngithemba umus kaNkulunkulu njalonjalo kuze kube phakade naphakade."* Isaya 5:8; *"Wo kubona abahlanganisa indlu nendlu, besondeza insimu nensimu, kuze kungabe kusaba khona indawo, kwakhe ninu nodwa emhlabeni!"* Luka 12:15; *"Wayesethi kubo: 'Bhekani, nixwaye ukuhaha konke, ngokuba ukuphila komuntu akumi ngobuningi bempahla yakhe."* Kolose 3:5. *"Ngakho-ke bulalani amalungu enu asemhlabeni, ubufebe, nokungcola, nokuhuheka, nokukhanuka, nesangabe, okungukukhonza, izithombe"* Baba siyavuma futhi siyaphenduka ezonweni zobugovu kanye nenkolo yokuthi akukho lutho ngaphandle kwalokho okubonwayo eNingizimu Afrika. Siyazisola ngeqiniso lokuthi asibanakelelanga abampofu, kodwa sizibuthele izinto eziningi. Siyavuma futhi siyaphenduka ngokujonga engcebweni esikhundleni sokubheka kuwe Nkulunkulu futhi sethembeke` esithixokazini senhlanhla kanye nokugembula ukuzibonelela, esikhundleni sokwethemba uJehova. Sicela
ukuba usith ethelele bese usihlanza egazini likaJesu Kristu, uMpristi wethu omkhulu.

Ilanga 33 - 1 Kron. 16:26. *"Ngokuba bonke onkulunkulu babezizwe bayizithombe, kepha uJehova walenza izulu."* Baba Nkulunkulu, Jehova owenza izulu, siyavuma futhi siyazisola ngezono zokwazisa ubuzwe kanye nokuthanda nokushisekela izwe lakithi. Siyavuma ukuthi thina sethembele` ezindleleni zethu kulandele ikusasa lethu kulelizwe. Siyavuma ukuthi sicabangele udumo lwethu njengabase Ningizimu Afrikakanye naMazulu kuyinto ebaluleke kakhulu kunoMbuso weZulu, kaNkulunkulu. Sicela intethelelo eGameni likaJesu.

Ilanga 34 - Lev. 19:26; *"Aniyikudla lutho olunegazi, ningenzi imilingo, ningahloli imihlola."* Deut. 18:10-11. *"Makungafunyanwa kuwe umuntu odabulisa indodana yakhe noma umbhuli, noma ohlola imihlola, noma owenza imilingo, noma umlumbi, noma owenza iziphonso, noma obhula emadlozini, noma umthakathi, noma umlozikazana."* Baba Nkulunkulu, siyavuma futhi siyaphenduka ngezono zokubhula nobuthakathi, ngencasiso yezigameko (njengokuchitha amathambo noma ukusebenzisa amakhadi); ubuthakathi kanye nokuphosa izibango ezweni lakithi. Sicela ukuba usithethelele futhi usikhulule kulobugqili ngegazi likaJesu. Sicela ukuba ulethe ukuqina nobuqotho ngesono, nokulunga kanye nokwahlulela ngoMoya wakho oNgcwele.

Ilanga 35 - Deut. 12:3-4. *"Niyakuchitha nokuchitha zonke izindawo, lapho izizwe eniyakuzidla zazikhonza khona onkulunkulu bazo ezintabeni eziphakemeyo, nasemadulini naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza, niwadilize ama-altare azo, niziphohloze izinsika zazo, nibashise o-Ashera bazo ngomlilo, nizinqume isithome ezibaziweyo zawonkulunkulu bazo, nesule igama lazo kuleyo ndawo. Nina aniyikwenze njalo kuJehova uNkulunkulu wenu."* Baba Nkulunkulu, siyavuma futhi siyaphenduka ngokukhonza ezintabeni emagqumeni, emifuleni, ezilwandle kanye nasemahlathini ezweni lakithi. Siyaphenduka kukho ukukhonza amatshe kanye nezihlahla, kanye nokubiza imimoya yomhlaba kanye neyamanzi. Siyavuma ukuthi wena Somandla ukuphela kwakho onguNkulunkulu weqiniso nokuthi wena Simakade awukhonzwa ngalendlela. Sicela usithethelele bese usihlanza ngegazi likaJesu Kristu, iNdodana Yakho, eyafa esikhundleni sethu esiphambanweni.

Ilanga 36 - Deut. 4:19. *"…funa uphakamisele amehlo akho ezulweni, nalapho ubona ilanga nenyanga nezinkanyezi, lonke ibandla lezulu, uyengwe, uze ukhuleke kukho, ukukhonze, okwabelwe izizwe zonke eziphansi kwezulu nguJehova uNkulunkulu wakho."* Jehova Nkulunkulu owenza amazulu, ilnga, sikhothama phambi kwakho njongo Nkulunkulu onguyena yedwa weqiniso. Siyavuma futhi siyaphenduka ngokukhonza ilanga, inyanga izinkanyezi ezizungeza ilanga eNingizimu Afrika. Siyaphenduka ngokusebenzisa okudaliweyo ukuba siqagele ikusasa lethu futhi silawule impilo yethu. Sicela ukuba usithethelele bese usikhulula kulokhu kwenza. NgeGama likaJesu sichitha konke okubizelwe phezu kwezimpilo zethu nezimpilo zabantwana bethu kanye nezizukulwane ezizayo. Sithandaza ukuthi uMoya wakho oNgcwele eze alethe ukuqina nobuqotho ngesono ukulunga kanye nokwahlulela ezweni lakithi.

Ilanga 37 - Hezekeli 23:27. *"Ngokuba baphingile, negazi lisezandleni zabo; baphingile nezithombe zabo, badabulise emlilweni amadodana abo abangizalela wona, abe ngukudla kwazo."* Baba wesintu sonke, siyavuma futhi siyaphenduka ngezindlela eziningi lezo abantwana bathu abenziwa

imihlatshelo ezithixweni zezidakamizwa, ubulili, izenzo zemilingo kanye nomamona (idimoni lokuthandisisa ingcebo). Sicela uguqulele izinhliziyo zobaba (nomama) kubantwana, futhi uguqule izinhliziyo zabantwana zibuyele kubazali babo. Buyisela amakhaya kulelizwe njengezindawo zokuphepha futhi lapho abantwana bengafunda khona izindlela zakho Nkulunkulu bese behlangana nawe.

Ilanga 38 - Jer. 14:22. *"Kukhona yini phakathi kwawonkulunkulu babezizwe abayize onganisa imvula?Amazulu angaletha izihlambi na? Akusuwe Jehova esiyakukuhlalela na? Ngokuba wena wenzile konke lokhu."* Baba, siyavuma ukuthi nguwena wedwa Nkulunkulu ongaletha imvula futhi ubusise izwe lethu ngokuhle. Sibeka ithemba lethu kuwe futhi kuwe kuphela. Siyavuma futhi siyazisola ngokuthi kukhona izimo zokwenza imvula ezweni lakithi. Sicela usithethelele bese ususa isiqalekiso salesisenzo kithi, ngeGama likaJesu. Nkulunkulu thululela uMoya Wakho kulelezwe futhi ulethe ukukhohlisa ngesono, ukulunga kanye nokwahlulela.

Ilanga 39 - Deut. 7:25,26 *"Izithombe ezibaziweyo zawonkulunkulu bazo niyakuzishisa ngomlilo; awuyikufisa isiliva noma igolide elikuzo, ungazithatheli lona, funa ucushwe ngalo, ngokuba kuyisinengiso kuJehova uNkulukulu wakho; awuyikungenisa isinengiso endlini yakho, ube yinto eqalekisiweyo njengaso; uyakusenyanya nokusenyanya, unengwe nonkunengwa yiso, ngokuba kuyinto eqalekisiweyo."* Jehova Nkulunkulu, siyavuma futhi siyaphenduka ngokuvumela izithombe zabanye onkulunkulu ukuba bangena emakhaya ethu. Futhi siyavuma siphinde siphenduke ngokuvumela imiqondo yethu kanye nemicabango yethu ukuba ingcoliswe yizithombe zabanye onkulunkulu ngamaphephondaba kanye neT.V. Sicela ukuba usihlanze ngegazi likaJesu. NgeGama likaJesu siyamelana nokuhlasela okunamandla kwabamaphephandaba ngezinkonzo zezithixo emphakathini wethu. Sicela ukuba usikhulule kulezinto.

Ilanga 40 - Isaya 28:15; *"Ngokuba nithe: 'Senzile isivumelwano nokufa, sivumelene nendawo yabafileyo; lapho isiswebhu esikhukhulayo sidlula, asiyikusehlela thina, ngokuba senzile amanga abe yisiphephelo sethu, sicashile phansi kwenkohliso."* Efesu 5:13. *"Kepho konke okudalulwayo kubonakaliswa ngukukhanya, ngokuba konke okubonakaliswayo kungukhukhanya."* Baba wokuphila, Siyavuma futhi siyaphenduka ngezimhlangano zasesithe ezisezweni lakithi ezithe zagcina izikulungwane zabantu ebugqilini. Siyavuma futhi siyaphenduka ekukhonzeni usathane ezimweni zezinkonzo zama Freemasons kanye nase migidini yokuthwasisa. Sicela usithethelele bese usikhulula esiqalekisweni sokufa ngenxa yezifungo ezathathwa ngabaningi babaholi bethu.

Ilanga 41 - Deut. 18:10. *"Makungafunyanwa kuwe umuntu odabulisa indodana yakhe noma indodakazi yakhe emlilweni, noma umbhuli, noma*

ohlola imihlola, noma owenza imilingo, noma umlumbi" Baba, siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yezinkonzo eziningi zemilingo njengokuhamba emlilweni kanye nokulumba imimoya ezweni lakithi. Siyathandaza ukuba Nkulunkulu uthulule uMoya wakho phezu kwethu bese usihlanza kubobonke ububi obukhulu. Sicela ulethe ukuhlabeka ngenxa yesono kubantu bakithi.

Ilanga 42 - Isaya 65:3,4. *"…abantu abangithukuthelisa ebusweni bami njalo, behlabela ezivandeni, beshisa impepho phezu kwezitini, abahlala emathuneni, balale ezindaweni ezisithekileyo, badle enyama yesingulube, benomhluzi wesinto ezinengekayo ezitsheni zabo"* Jehova Nkulunkulu, siyavuma futhi siyaphenduka ngezenzo eziningi zobusathane ezenziwe ezweni lakithi. Sicela uyidalule lemisebenzi yobumnyama bese uletha labo ababanjwe kulolulwembu enkulekweni kuJesu Kristu.

Ilanga 43 - Isaya 5:21; *"Wo kubona abahlakaniphile emehlweni abo nabaqondile ekuboneni kwabo!"* Jer. 7:24; *"Kepha abalalelanga, ababekanga izindlebe zabo, kepha bahamba ngamacebo abo nangenkani yezinhlisiyo zabo ezimbi; bahlehla, abayanga phambili."* Jer.17:5. *"Usho kanje uJehova, uthi: Uqalekisiwe umuntu othemba kubantu, ayenze inyama ibe yingalo yakhe, nonhliziyo yakhe isuka kuJehova."* Baba, siyavuma futhi siyazisola thina eNingizimu Afrika ngokuthi siwasusile amelho ethu kuWE sabe sesithembela kubantu ukusindiswa. Sibenokwazi emehlweni ethu, namuhla sesivuma isono sethu. Sicela usithethelele ngokuzikhonza thina Bantu nangentando yeningi ekubuseni izinhliziyo zethu esikhundleni sakho nezindlela zakho Nkulunkulu.

Ilanga 44 – Roma 2:24. *"Ngokuba igama likaNkulunkulu liyahlanhalazwa phakathi kwabezizwe ngenxa yenu, njengalokho kulothsiwe."* uJehova Nkulunkulu ,siyavuma futhi siyaphenduka njengebandla eNingizimu Afrika, ngokuthi abantu abaningi abafuni ukukulandela uJehova ngokuba asikumelanga Simakade ngokulungileyo. Sifuna ukulungisa izindlela zethu bese siguquka sibuyela kuwena Nkulunkul. Ake usihlanze kukho ukungalungi kwethu nasesonweni susa ububi obukhulu kithi ngokwezethembiso zakho - Nkulunkulu.

Ilanga 45 - Obadiya 1:3. *"Ukuzidla kwenhliziyo yakho kukukhohlisile wena ohlezi emifantwini yamawa, ondawo yakho yokuhlala iphakeme, othi enhliziweni yakho: Ngubani ongangehlisela phansi na?"* Jehova onamandla onke, Nkulunkulu ophakeme kakhulu, siyavuma futhi siyaphenduka ekuziphakamiseni kwethu thina base Ningizimu Afrika; ngokuthi soqhoshe ngoba njengesizwe sikwazi ukuhola ezinye izizwe zifinyelele empumelelweni, ekubeni eqinisweni kungekho okufanele siqhoshe ngakho. Sivuma ukuthi asikwazi ukuzigabisa nangantoni esizweni sakithi. Sidinga wena Nkulunkulu ukuba ube uNkulunkulu wethu. Sicela usithethelele ngalomqondo

wokuphepha ingamanga kanye nethemba elisezindleleni zethu. Sibuyisele ebuhlotsheni bakho Nkulunkulu.

Ilanga 46 - Hez. 16:49. *"Bheka, nakhu ukona kukadadewenu iSodoma; ukusidla, nokusutha ukudla, nokizinza okuthuleyo kwakukhona kulo nakuwo amadodakazi alo, kepha aliqinisanga isandla sabampofu nabaswelayo."* Baba, siyavuma ukuthi asinakanga ukuhlupheka kwabampofu nabaswele; ngoba iningi lethu liqoloshile, seneme ngokunganaki futhi siphila ngokuzitika ngomnotho kanye nenjabulo. Sicela usithethelele ngokunganaki izidingo ezisizungezileyo. Sinike inhliziyo yakho Jehova ngenxa yabampofu nabaswele ukuze sifinyelele ekubaziseni.

Ilanga 47 - Amahubo 106:6,8. *"Sonile kanye nawobaba; senzile okuni, sonakala…Nokho wabasindisa ngenxa yegama lakhe, ukuze abonakalise amandla akhe."* Baba Nkulunkulu, simi phezu kwesivumelwano sezethembiso lezo owazenzayo ezwini lakho. Sivumile ukuthi sonile, njengabo obaba,siyaphenduka ekoneni kwethu. Sicela ukuba usisindise ngenxa yeGama lakho. Sicela ukuba uphendule ubuso bakho bukhanye phezu kweNingizimu Afrika bese usibuyisela emseni wakho.

Ilanga 48 - Isaya 8:19. *"Lapho bethi kini: Funani kwabanamadlozi nakubathakathi, ababetha imilozi, banyenyezi pho, abantu abayikufuna uNkulunkulu wabo yini? Kuyiwe kwabafileyo ngabaphilayo na?"* Baba, simi phambi kwesihlalo sakho ukubuza kuNkulunkulu ophilayo. Sicela ukuba usitshele ukuthi siyini isifiso sakho ngalelizwe kanye nabantu balo. Sifuna ukulandela izindlela zakho Simakade kanye nemithetho yakho. Susa kithi isiqalekiso sokukhothamela izithombe. Buyela eNingizimu Afrika bese usambulela ubukhona bakho ukuze umhlaba wazi ukuthi ukhona uNkulunkulu eNingizimu Afrika.

Ilanga 49 - Amahubo 33:12 "Sibusisiwe isizwe esiNkulunkulu waso nguJehova." Siguqa ngamadolo phambi kukaYise weNkosi yethu uJesu Kristu. Sikholwa kuwe futhi sivuma ukuthi siyokukhonza wena wedwa. Sizithoba kuwe njengesizwe futhi simema wena ukuba ube nguNkulunkulu weNingizimu Afrika. Sicela ukuba ukhumbule isivumelwano sakho nathi ngoJesu Kristu bese uvumela igazi likaJesu e altare ezulwini likhulumele thina. Sicela ukuba iNingizimu Afrika ngokwesivumelwano sakho kuLev.26:40-42. Sicela ukuba uze welaphe izwe lethu . Sicela ukuba uze bese wenza iNingizimu Afrika ibe indawo yakho yokuhlala. Thulula uMoya wakho phezu kwalelizwe bese uvuma ukuba iGama lakho liphakanyiswe kulelizwe.

(Isibonelo somthandazo ongasetshenziswa uma kukhulekwa endaweni lapho kukhonzwa khona izithixo)

UKUKHULEKELA IZITHOMBE / INKONZO SEZITHIXO

Baba Nkulunkulu, Wena owazembula kubantu bakho uIsrayeli , Jehova futhi owanika iGama likaJesu njengalolodwa igama ezulwini nasemhlabeni abantu abangasindiswa ngalo futhi babuyiselwe ebuhlotsheni nawe Simakade, siyakhothama phambi kwesihlalo sakho. Siyavuma ukuthi nguwena wedwa weQiniso kanye noNkulunkulu oPhilayo, kanye nokuthi kakho omunye unkulunkulu ngaphandle kwakho. Nguwena kuphela uMdali wezinto zonke ezulwini nasemhlabeni. UngoNgcwele, uNkulunkulu uMninimandla onke, phambi kwakhe amadolo wonke ayaguqa futhi nezilimi zonke ziyavuma, ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi. Siyakuvuma njengoNkulunkulu wethu futhi siyazithoba kuwe nasezindleleni zakho.

Siyakubonga ngegazi likaJesu elikhuluma ezulwini mayelana nesivumelwano eSisha. Sibiza uJesu Kristu njengoMpristi wethu oMkhulu kanye noMmeli ukuba anxusele iNingizimu Afrika. NjengabaseNingizimu Afrika siyavuma icala lethu elimayelana nenkonzo yezithixo esizweni sakithi. Siyavuma futhi siyaphenduka kuzinhlobonhlobo zezinkonzo zezithixo lezo obaba kanye nathi esazigaxa kuzo. Sikhala kuwe sicela umusa, futhi sicela intethelelo eGameni likaJesu Kristu. Sibuhlungu ngokukulahla wena njengoNkulunkulu wethu kanye nokuguqela abanye onkulunkulu ngamadolo ethu. Sicela usithethelele bese uphendula ubuso bakho bukhanye phezu kweNingizimu Afrika.

Siyavuma futhi siyaphenduka ngokukhonza umamona ngokuthanda izinto zomhlaba nokuthembela kuzo, ubugovu, ukugembula nelotho. Siyavuma futhi siyaphenduka ngokukhonza usathane kanye nokufa ngobu Freemasonry. Siyavuma futhi siyaphenduka ekukhonzeni uNomkhubulwana, Idlozi, izanusi, izinyanga. Siyavuma futhi siyaphenduka ekukhonzeni amatshe, izihlahla, izintaba, amagquma, izihosha, imifula, amachibi kanye nezilwandle. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yokukhonza amatshe ezikhumbuzo zokufa, amatshe ezikhumbuzo zamaRoma kanye nonkulunkulu bamaGriki kanye nezithixokazi zempi namatshe ezikhumbuzo zamaqhawe omlando wethu. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yezithombe zabanye onkulunkulu esabavumela emakhaya ethu, emasontweni kanye nasezindlini zombuso. Siyavuma futhi siyaphenduka ngokusebenzisa izimpawu zomlingo kwezinye zezicakacolo zethu kanye namadolobha kanye nezakhiwo. Siyavuma futhi siyaphenduka ekukhonzeni ilanga, inyanga, izinkanyezi kanye nezinkanyezi ezizungeza ilanga ngomgomo obhulela abantu okuzobehlela kanye nezinye izenzo. Siyavuma futhi siyaphenduka ngezindlela abasha bethu abahungelwa ubusathane nakwezinye izinkolo.

Siyavuma futhi siyazisola ngazozonke izindlela okwakuxhunyanwa ngazo nezimpi zemimoya ngabomthonga, abamadlozi izinyanga, abathakathi bemimoya, amazwi okuloya, ukuquleka okuphuphisayo, umculo, izigubhu kanye nanoma isiphi isenzo somlingo. Siyavuma futhi siyazisola ngenxa

yobuthakathi, ukukhunkula kanye nomlingo wabamhlophe emphakathini wakithi. Siyavuma futhi siyaphenduka ngakho konke ukubhula njengokuchitha amathambo, amakhadi ababhula ngawo, ukufunda isandla, ukuma kwezinkanyezi nokuzalwa komuntu njalonyalo. Siyavuma futhi siyaphenduka kukho ukujukujelwa kwezibango kanye nokuqalekisa abanye abantu, izinhlanga ezahlukene kanye nezizwe.Siyakuthandaza ukuthi Jehova uyakuchitha zonke lezizibango kanye naleziziqalekiso ngegazi likaJesu Kristu bese waphula amandla azo. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yemigubho ethe yavulela izenzo zemilingo ukuba zingene emphakathini wethu. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yemisebenzi yobuciko ejivaza iGama likaNkulunkulu. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yezenzo zempucuko lezo eziphambene nezwi lakho (guqula izenzo ezinjengalezo zokuhamba phezu komlilo, ukwenza imvula). Siyavuma futhi siyaphenduka ngazo zonke izinhlobonhlobo zokuthembela ezeni esimweni sempucuko yethu kanye nasemvelweni yethu (gagula amathemba eze njengezinyoka namadlozi, ukuzalwa nomlilahlo, ngalonyalo.). Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yokuba sinake kakhulu izinto zemvelo kunawe Jehova kanye nezindlela zakho. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yokusebenzisa iZwi lakho ukuzithethelela ngokukhonza isimo sempucuko yethu. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yezindlela esonakalise ngayo umlayezo kaJesu kanye noMoya oNgcwele ngempucuko yokhokho bethu.

Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yokukhonza isintu ngomqondo wokubhekela izidingo zomuntu kanye nentando yeningi. Siyavuma ukuthi besihlakaniphile emehlweni ethu sabe sesisebenzisa izindlela zethu ukuvikela uqobo lwethu njengabantu. Siyavuma ukuthi sikhonze izwe lethu ngokushisekela izwe kanye nabantu abaluhlanga lwethu ngokwazisa ubuzwe. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yokuzikhonza thina ngobuntofontofo kanye nokuthanda izinto zomhlaba nokwethembela kuzona ngaphandle kokunaka abampofu nabaswele. Siyavuma futhi siyaphenduka ngenxa yokuziphakamisa kanye nokuzidla ezinhliziyweni zethu.

Jehova Nkulunkulu, siyavuma ukuthi obaba bethu, kanye nathi sikuhlubukile futhi sasuka ezindleleni zakho. Siyavuma futhi sibuyela kuwe Jehova. Sifuna ukukulandela kanye nezindlela zakho. Siyavuma ukuthi izindlela zakho Jehova zinhle futhi ziholela ensindisweni kanye nokuhlawulelwa. Sithandazela ukuba uze usithethelele ngegazi likaJesu Kristi. Sicela ukuba uchithe isiqalekiso phezu kwesizwe sakithi ngenxa yokukhothamela izithombe ngegazi likaJesu Kristu. Sicela ukuba ube nomusa bese ususa ukwahlulela kwesifo esingumashayabhuqe esizweni sakithi. Sicela ukuba ulethe impiliso kulabo abaguliswa ingculaza, umalaleveva, kholera, umhlaza kanye nezifo ezinhlobonhlobo ngenxa yesono. Ake ubuyisele impilo ezweni lakithi. Sicela ukuba uthinte izwe lize libe nakho ukukhiqiza ukudla kwabalambileyo. Sicela ukuba uvuse umnotho wethu ukuze abantu baseNingizimu Afrika banakelelwe. Sicela ukuba ubone ukuhlupheka

kwabampofu esizweni sakithi bese unqamula ubugqili bokuntula obeza ngenxa yenkonzo yezithixo. NgeGama likaJesu sivala iminyango ezisithukileyo, ubusathane, izinkolo eziphathelene nesiko lemvelo, New Age, izinkolo zaseMpumalanga kanye nazozonke izinkolo ezingamvumi uJesu Krustu ukuthi unguMsindisi. Baba, Sicela ukuba uthulule uMoya wakho kuyo imvuselelo enkulu ezweni lakithi. Letha ukuvuseleleka enhliziyweni yebandla ukuze sibe nguMlobokazi wakho, weqiniso. Sicela usivusele iNdlu yoMkhuleko ngoMoya wakho, eyobiza iGama lakho imini nobusuku kulelizwe. AMEN.

UUMKELA KWEZWE KU JEHOVA

Ilanga 50. Ilanga homkhuleko we sizwe we ndawo no mphakathi

UMKHULEKO WOKWAHLUKANISELA (WOKUNIKELA)

O Jehova Nkulunkulu, Baba kaJesu Kristu, akakho unkulunkulu phezulu ezulwini noma emhlabeni phansi onjengawe, ogcina isivumelwano sakhe kanye nomusa kanye nezisebenzi zakhe, abahamba phambi kwakhe ngezinhliziyo zabo zonke. Jehova ubusa phezu kwayo yonke imibuso yezizwe, futhi esandleni sakho kukhona amandla nobukhosi. Namuhla nje siphambi kwakho njengabamele ibandla lakho eNingizimu Afrika, eGameni lika Jesu Kristu owafa esiphambanweni. Siyazithoba phambi kobukhosi bakho. Siyavuma ukuthi akukho muntu noma isizwe esingenacala phambi kwakho, ngakho-ke sikhulekile savuma futhi saphenduka ngenxa yecala lethu njengesizwe. Jehova wethembise` intethelelo ngoJesu kuLuka 24:46,47, futhi manje sesamukela intethelelo ngenxa yomusa nesihawu sakho. Siza ngesibindi phambi kwesihlalo sakho ngenxa yesizwe sethu iNingizimu Afrika. Siyathandaza, O Baba, sivuma izwi lakho Jehova libe iqiniso olikhulumileyo - yizwa ezulwini bese uvuma ukuba ubuso bakho bukhanye phezu kwalesisizwe. Sahlukanisela izwe lethu kanye nesizwe kuwe Mninimandla onke. Siyakumema Jehova ukuba uze bese uhlala kanye nathi, ngoJesu Kristu. Senze sihambe ezindleleni zakho futhi nangemithetho yakho bese usivikela emaqhingeni kasathane. Silethele impiliso, ukubuyisana kanye nokubuyisela / nokuhlawulela iNingizimu Afrika bese uthulula uMoya wakho wobuNgcwele neqiniso phezu kwethu. AMEN.

UMTHANDAZO WOKUKHULULA IZIPHIWO ZOKUHLAWULELA / ZOKUSINDISA ZENINGIZIMU AFRIKA - IVANGELI (IZINDABA EZIMNANDI) LIYISWA EZIZWENI.

Nkosi Jesu Kristu,wethembisile abafundi bakho ukuthi bona (kanye nathi) siyokwamukeliswa amandla uma uMoya oNgcwele esefikile kithi, size sibe ofakazi bakho kuze kube semikhawulweni womhlaba. Sicela ukuba uthulule uMoya wakho phezu kwethu nokuba unikeze ibandla lakho amandla negunya lokushumayeola ivangeli lakho ezizweni nokubenza abafundi bakho. Siyathandaza ukuthi ubolifakazela iZWi lakho njengesethembiso sakho

kuMarko 16:16-18. Sicela ukhaphele ngaphandle izisebenzi ezivela eNingizimu Afrika esiVumweni . Siphe igunya lakho / sinike igunya lakho lokufundisa izizwe iZWI lakho nemithetho futhi silethe impiliso ngokukhuluma ngokuka Mathewu 28:18. NgeGama likaJesu Kristu sivula amasango abheke e Afrika, sakha udedangendlale womgwaqo nangokususa amatshe kanye nezikhubekiso. Siphakamisela abantu ibhanela (indwangu yoMbuso,iflag): IGAMA LIKA JESU KRISRTU - YHWH NISSI. INKOSI UMLWELI WAMI.

AMALUNGISELELO AMAQEMBU OMKHULEKO IZINDAWO ZOKUKHULEKA njl

Siphakamisa ukuthi kusungulwe amaqembu omkhuleko ukuze athandazele izono zemiphakathi nokuba abantu banezele umuntu ngomuntu. Kungabakuhle uma amaqembu/amathimba aphuma emahlelweni ahlukene nase zinhlangeni ezahlukene bangahlangana ndawonye ngalesisizathu. Uma amathimba anjena engekho, sicela ukuthi lokho kunganidikibalisi emikhulekweni nase kufuneni uNkulunkulu ngokwakho. futhi siphakamisa ukuthi amathimba omkhuleko avakashele izindawo lapho kwenzeka khona izehlakalo ezimbi nalapho kusaqhubeka khona ububi kukhulekwe esikhundleni, kunokuba kuthandazwe emakhaya noma endlini yesonto. Isizathu salokhu kube ukuthi sibone umphakathi ngamehlo kaNkulunkulu bese simcela uNkulunkulu ukuba asithinte sikhuleke ngomunyu njengoba sizizwela ubuhlungu benhliziyo, iphunga nemisindo yaleyo ndawo. Lokho kunikeza ithuba lokuthandazela abantu abahlala kuleyondawo bukhoma

IZELULEKO ZEMIHLANGANO YAMATHIMBA OKUKHULEKA:

- Hlanganani masinyane nikhuleke bese nihlangana okungenani njalo ngeviki.
- Ngesikhathi sokuhlangana chithani isikhathi okungenani esiyihora, nidumisa, nikhonza ngamaculo nomkhuleko. Bese nisebenzisa elinye ihora nithule phambi kukaNkulunkulu ukwamukela izwi kuYe ngendawo yakini, idolobha noma isicakocolo, bese nimcela Yena ukuba animbulele ukuthi nithandaze maqondana nani. Thandazelani ukuthi izinto ezifihliweyo zilethwe ekukhanyeni.(Jer 33:3; Deut.29:29; Jakobe 1:5)
- Gcinelani umkhuleko incwadi yokuloba izigigaba zosuku. Bhala noma ngumuphi uMbhalo; umbono; amaphupho noma iziprofetho ezamukelwe. Yabelanani ngokho omunye nomunye emihlanganweni yobumbano. Gcinani lokho okunicacele futhi enivumelana ngakho. Kubalulekile kakhulu ukusebenzisa ubuhlakani. ungathatheki ngakho konke okwamukele, kuhlole kuqalo ngezwi lika Nkulunkulu kanye namanye amanxusa.
- Qala ufunde amaphephandaba endawo okuyo futhi ulalele izindaba. Vula amehlo nezindlebe zakho bese uqala ukhuleke ngezinto ezisematheni. Cela uNkulunkulu embule izimpande zezinye zezithelo

zemimoya(ukubhidlika kwemishado; ukuphatha ngonya; ubugebengu; njl.) endaweni yakini.

- Vakashela ezindaweni zokonakala nendawo ezungezile bese ucela uSimakade akumbulele inhliziyo yakhe mayelana nezinto ezilapho
- Kuthandazele nsuku zonke ukulungisela kwakho ukuhlanganyela: Amahubo 51; Daniel 9:1-9; Nehemiya1;9;Efesu 1!&;-23; 3::9-21;6:10-20; AbaseFiliphi 2:3-18.
- Qaphela ukuthi ithimba lomkhuleko lingajiki libe ithimba lobucevucevu. Ningakhulumi ngabantu nokuzimbandakanya kwabo esonweni, okungenani thandaza ngalezozimo bese ucela uNkulunkulu ukuthi adonsele lababantu kuYe.
- Uma sekuqediwe ngezono zomphakathi , cela uNkulunkulu ahlanze izingqondo nenkumbulo yenu. Mjongeni uNkulunkulu.
- Ungalingi ukhulume nanoma kubani-nje ngalokho uNkulunkulu akwambulela khona emkhulekweni wakho. Yiba ngoqaphele kakhulu ngokwabelana imibiko emayelana nabantu (njengokuthi ngobani abasebenzisa budedengu izidakamizwa.) Uma uNkulunkulu ekuphathisa lemibiko, uNkulunkulu uyakwethemba ukuthi ume esikhaleni ngenxa yalababantu, hhayi ukubalimaza noma ukubacoboshisa. Dedela uNkulunkulu Yena abe ngumahluleli.

IMIKHULEKO EZINDAWENI ZOKONAKALA:

Khumbula ukuthi isizathu sokukhuleka ezindaweni lapho kwenzeka khona ububi ikakhulukazi kungenxa yokuba sibuyise umunyu ezinhliziyweni zethu ngalokho okwenziwe isono kithina nakuNkulunkulu. Akusikho ukuthi kunokuphumelela okungcono ukukhuleka kulezizindawo kunokukhuleka ekhaya. Khumbula futhi ukuthi sisempini yokomoya. Silwa ebubanzini bobude nobuhlonze bokomoya. Asikwazi kulesikhathi ukubhidliza kwanto, itshe lesikhumbuzo, isifanekiso, njl. ngaphandle uma kungesakho noma wamukele imvume kubaphathi ukukwenza lokho. Ngalelithuba siletha ukuphenduka kuNkulunkulu. Asiyibo abahlaselayo. Simelene nesono esisemiphakathini yakithi siphambi kukaNkulunkulu. Asigadli kunoma yimiphi imimoya noma amandla abusa phezu kwendawo kodwa sizuza ukuthemba ngokuphenduka. Ngaphandle kokuthi uNkulunkulu akhulume ngokucacile kuwe. UNGALINGI uzigaxe empini yemimoya ngenkathi yokuphenduka. UNkulunkulu uyosibonisa uma sekuyisikhathi salokho.

- Tholani izindawo lapho kwenzeka khona ukonakala kuphambenwe noNkulunkulu ngokusebenzisa uhla lwemibuzo etholakala ekugcineni kwalelibhukwana.
- Vakashela izindawo zomkhuleko phambi kwesikhathi ukuze" uhlole" indawo. Thola ukuthi bangaki abantu abavunyelwe ukungena, inani lokungena kundawo leyo, noma kudinga ukuhanjwa ngezinyawo ukuze

ufike endaweni kanye nokuthi angakanani amathuba okukhuleka kuleyondawo. Ungadikibali uma ungavunyelwa ukhuleka endaweni leyo (njengasemathempelini ezithixo), thola indawo eseduze ukhuleke.

- Izindawo eziningi zivulekele izivakashi kanye nabakhonzi, ngakho bacabangele abanye abantu endaweni. Phatha izindawo zokukhuleka kanye nabantu abahlala lapho, ngenhlonipho. Ungalimazi impahla.
- Thandaza ukuba uNkulunkulu akuvikele, avikele ithimba, imindeni yenu, abangane kanye nebandla ngaphambi kokuvakashela izindawo zomkhuleko. Qiniseka ukuthi uyilungisile indaba yakho noNkulunkulu mayelana nesono osaziyo ngaphambi kokuba ukuthathele emahlombe akho ukuthandazela izono zomphakathi.
- Indawo lapho kugontiswe khona ukuphenduka kuphakathi kukaNkulunkulu nathi, kodwa uma uNkulunkulu ekuhola ukuba wenze ukuzisola kwezinye izihlanga, qhubeka uthandazele ukubuyisana ukuba kwenzeke. Ungenzi isidlaliso ngalokhu. Uma abantu bengekho ngezinhliziyo kulokhu kuyoba yinto eyihlaya, usikisiki lomzimba kuphela, bese kungaguquki lutho emoyeni. Unkulunkulu akabheki esikushoyo nesikwenzayo, kodwa ubheka ezinhliziyweni zethu. USimakade uyakwazi esikucabangayo nesikuzwayo. Ngcono uvume ukungafinyeleli kwakho ekubuyisaneni kunokuba uzikhohlise welaphe umhuzuko kanti ingozi engeqiwa ntwala.
- Mhlazana uthatha ithimba ukuba niyokhuleka ezindaweni zokonakala, zilungiselele ngokwasemoyeni uchithe isiskhathi esanele endumisweni nesekumlindeni uJehova ngaphambi kokukhuleka. Lokhu kungenziwa ekhaya, noma-ke kwenye indawo elungele ukuhlangana, akudingekile ukuba kube senkundleni. Indumiso enkundleni mayilinganiselwe amaculo ambalwa kanjalo nemikhuleko. Okwenziwayo ukuphenduka, ngakho zinikeni isikhathi esanele sokungena ebukhoneni bukaNkulunkulu, kuqalwe ngemikhuleko yokuzisola. Izibonelo zemikhuleko ezinikezwe kulelibhukwana ngezokuqondisap-nje kuphela, akusiyona eyokulandelwa njengoba injalo. Vumela uMoya oNgcwele ukuba akuhole njengoba Yena efisa ukuba uthandaze. Ningabi namatata endaweni yokukhuleka Zinikeni isikhathi sobuhlakani futhi nilindele uNkulunkulu.
- Kulobe konke okwenzekayo endaweni yokukhuleka ukuze nikuphinde ngesikhathi esizayo
- Njengoba lokhu kuyinto okufanele siyiphathe ngoMoya, ningenzi inkundla endaweni yomkhuleko. Akudingekile ukuthi nimemeze noma niklabalase ukuze nidonse ukunaka kukaNkulunkulu. Cabangelani futhi amanye amalunga ethimba lenu, nimvumele uMoya oNgcwele aniqondise ebunyeni. Nikezani ilanga ngalinye ithuba lokukhuleka nokulalela uNkulunkulu. Nenxusa elisabhibhidla lingafumana izwi elivela kuSimakade mazivunyelwe ukba zizokhuleka nabazali bazo enkundleni , kodwa qaphela ukuthi banomqondo munye nokubhekisisa komqondo kunyengaphandle kwalokho zingaba yisiphazamiso.
- Yiba ngoqaphe kakhulu ukuthi uzisebenzisa kanjani izenzo eziphrofetho. Ukusebenzisa izimo namaphela kungasiza ukuletha umoya wokukhonza,

kodwa ungabi nomongo wegugu noma umlingo. Musa ukusebenzisa izinto ezifana namafutha. Ngaphandleke kokuthi ithimba lonke liyavumelana ngokuphelele. Umkhuleko wokuphenduka ezindaweni zomkhuleko yiwona obaluleke kakhulu.

- Wonke amazwi eziphrofito ezenzeko. Kufanele kunikezwe umholi wethimba ngaphambi kokubakwenziwe okuthize. Sicela niqaphele kakhulu ngokucatshangwayo nje. Musa ukuzithathela ukuthi konke okwamukelwe endaweni yomkhuleko njengesambulo kuvela kuNkulunkulu. Hlola ukuthi kuye vumelana ne bhayibeheli.
- Uma uzwana, nethimba livuma, sebenzisani iSidlo endaweni yomkhuleko noma ekhaya ngaphambi kokusuka kwethimba. Ningalinge nisebenzise isiDlo kwasankonzo "engumlingo". Khumbula ukuthi kwakuwuphawu lwesivumelwano esisha, sithengwe ngegazi likaJesu.
- Ukuthi ulinxusa likaJesu akuniki igunya lokwenza okuphambene nomthetho ezindaweni zokukhuleka noma ngabe kukuliphi idolobha.
- Sebenzisa iZibhalo ekhulekeni bese nogomela izwi likaNkulunkulu phezu kwaleyondawo yenu.
- Qaphelani ukuthi ukuhlukana ethimbeni kungafojisa yonke imizamo yenu yokuthandaza. Ukungaboni ngasolinye ethimbeni kuphathiseni okwezikhali zamantungwa, ngokuthobeka, ngentethelelo ngomusa. Ukuchitha isikhathi nikhuleka kuqala kubaluleke kakhulu mayelana naloludaba. Elinye lamasu anqala esitha kungukuphazamisa ithimba lomkhuleko ukuze lingakhuleki limunye. Siphakamisa ukuthi wonke amamlunga ethimba azobophezele ekhuthandazeni futhi nokuthi ilelo nalelo lithobele elinye ethimbeni, kumbandakanye nomholi. Ngokuzithoba kwakho kakhulu, lokho kuqhubeza ubunye bukhule. Ngokwanda kobunye, nogidlabezwa ngegunya emkhulekweni.

JERICHO WALLS INTERNATIONAL PRAYER NETWORK
PRIVATE BAG X22
LYNNWOOD RIDGE
0040
SOUTH AFRICA

Tel: +27 12 365 3213
Fax: +27 12 365 3214
Email: info@jwipn.com
Website: www.jwipn.com